# *Kungani?*

Sanibona kusihlwa, bangani. Kuyinhlanhla enkulu ngempela ukuba lapha kulobubusuku futhi, into eyodwa, ukubuyela eArkansas, futhi, enye into, ukuba sezinkundleni zokukhempa. Ngikholwa ukuthi lona yimihlangano yami yokuqala yekhempu engiyethamele esikhathini eside. Futhi ngibe nesimemo sokuba ngize, no—nokuqala nani. Futhi ngizwile, selokhu nje singenile, beninesikhathi esimnandi lapha kulomhlangano. Nginokubonga kakhulu ngalokho.

2 Futhi, mina, ngenyuka ngomgwaqo, emizuzwaneni embalwa edlule, nendodana yami, futhi besikhuluma ngeminyaka eyedlula ngenkathi ngiqala ukwehlela lapha eArkansas, kwakungowokuqala wemihlangano yami. Ngenkathi kuqala ngiqala ukusuka, kwakuseArkansas, ohlobweni lobuvangeli lwemihlangano, empeleni. Futhi kusukela ngaleyonkathi, sekube nokuphindwe kasikhombisa ngijikeleza umhlaba, futhi manje sengibuyela eArkansas. Kunjengemali embi, njalo kuyayibuyisa. Nginayo, ndawo zonke ekade ngikuzo, ngiyethemba, eUnited States, ngibuziwe, “Ngabe bakhona abantu lapha abavela eArkansas?” Bengiba nabangani njalo abavela eArkansas, cishe impela ndawozonke. Futhi bengisho njalo: ezinye zezinhliziyo ezineqiniso kakhulu, ngiyakholwa, esezake zashaya, kwakuphansi kwalawo mayembe amadala al’hlaza sibhakabhaka ezansi lapha eArkansas. Abantu abakahle ngempela! Ngiyanithanda.

3 Futhi ngi—nginokuthokoza kuNkulunkulu ngethuba lokubuya, kulobubusuku, eArkansas, ngibe lapha nani. Futhi ngakho ngicabanga ukuthi sinobusuku obuthathu obusasele engqungqutheleni, nokuba nethuba lokungena futhi ngizwakalise uthando lwami kuJesu Kristu, futhi ngibe nenhlanganyelo nani bantu nesigejane sethu esikahle sabazalwane lapha, bona, abaningi babo angibazi. Ngiqalazile nje ngase ngibona oyedwa engimaziyo, uMfowethu Jack Moore, kwenzekile nje nga, noDadewethu Moore, kwenzekile wabakhumbula khona-ke. Futhi sijabule ngempela ukuba phakathi.

4 Manje, ngiyazi, usuku lonke gulukunqu nifanele nithole ukukhathala, niyazi, ukukhathala ngokomzimba. Asikutholi neze okwenele kwe...sithole ukukhathala sidumisa futhi sibusisa uNkulunkulu, ngobubele baKhe, Umangalisa kanjani. Futhi, kodwa, usuku lonke gulukunqu, bese kuthi-ke uma sekufika isikhathi sasebusuku, khona-ke nakhu ngingena. Futhi ngithi ukuba wuhlobo lomunye walabobafundisi onikezwe umqondo wokukhuluma isikhathi eside. Kodwa angicabangi ukuthi sizokwenza manje, ngenxa yalokhu

kumpintshana engqungquthelini. Nizizwile izikhulumi ezinkulu, akungabazeki, usuku lonke nangengqungquthela. Bese-ke kuba ukusukuma lapha emsamo, ngani, phambi kwazo zonke lezizikhulumi ezikahle, ukuthi, ngizizwa ngimncane ngempela, futhi ngime lapha.

5 Omunye wabefundisi engisanda kumxhawula nje, ungitshele ukuthi lena yizinkonzo zenu zokuqala ukuba nibe nazo kulelitabernakele, ngingalibiza kanjalo; angazi nje ukuthi ngempela yini, lelithempeli kumbe noma kuyini. Futhi si—sinokubonga ngempela futhi ngethuba lokungena endlini yokukhonzela entsha, into eyakhelwe udumo nokuhlonipha uNkulunkulu. Kumangalisa kanjani!

6 Futhi siyahlehliswa nje, noma asihlehliswa...Nje sivela e...senzela iholidi lesikole labantwana. Sakhe eTucson, eArizona, manje. Futhi kade kushisa kabi kabi phandle lapho, kodwa sithola ukuthi kuthe ukushisa kakhudlwanyana lapha ekhaya kunoma bekunjalo phandle lapho, ngenxa yomswakamo omkhulu kakhulu. Futhi kuthi ukusibeka phansi, emva kokuba sesithole ukuthi ukukwejwayela ukuba semoyeni osemkhathini lapho.

7 Singene ekhaya futhi saba nenkonzo yokuqala ngeSonto eledlule, futhi sibone iNkosi uJesu iqhuba umsebenzi waYo omkhulu wothando namandla phakathi kwabantu. NeVangeli elifanayo engalishumayela kini eminyakeni eyishumi nanhlanu eyedlula, lapha eArkansas, ngisakholwa yinto efanayo. AngiLiguquli nje. LinguKristu.

8 NgeSonto kwaba khona into eyenzekayo ebandleni. Kwenzeka nje ngaqalaza futhi ngibona umnumzane ohloniphekile kuyena o—okwenziwa isimangaliso.

9 Qaphelani, sonke siyathanda ukuqhosha nge—ngeNkosi uJesu. Si—siyathanda ukukwenza. Nganginowesifazane ngesinye isikhathi ukuba angitshele, wathi yilelophutha kuphela ayengalithola ngami, ngi "qhosha kakhulu ngoJesu." Ngathi, "Impela ngiyoya eZulwini uma kuyilelo kuphela amaphutha engibenawo, ngiqhosha ngoJesu." Futhi ngakho wa—wayengacabangi nje ukuthi WayengonobuNkulunkulu. Wazama ukuba athi Wayengumuntu nje nesazi sokudabuka kwezinto, noma umprofethi, noma ethize into enjengaleyo. Kodwa ngathi WayenguNkulunkulu. Futhi ngakho si...

Wayesethi, "Ngingafakazisa kuwe ukuthi Wayengesuye uNkulunkulu."

Ngase ngithi, "O, angikholwa ukuthi ungakwenza lokho."

Wathi, "O, ngingafakazisa ukuthi Wayengumuntu kuphela."

10 Ngathi, "Manje, ngizovuma ukuthi Wayengumuntu, kodwa Wayeyikho kokubili umuntu nonobuNkulunkulu."

Wathi, "Wayengebe ngonobuNkulunkulu."

Ngase ngithi, "O, WayengonobuNkulunkulu, futhi UngonobuNkulunkulu."

11 Wathi, "O, Wayengebe." Wathi, "Ngizokufakazisa ngeBhayibheli lakho uqobo."

Ngathi, "Kulungile."

12 Wayesethi, "KuJohane oNgcwele isahluko 11, esendleleni ezansi eya ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi, 'UJesu wakhala izinyembezi.'"

Ngathi, "Awu, lokho kuhlangene ngani nakho na?"

13 Wathi, "Awu, uma E—uma Ekhala izinyembezi, kufakazisa ukuthi Akasuye ongonobuNkulunkulu."

14 Ngathi, "Nenekazi, impikiswano yakho izace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu eyabulawa yindlala." Ngathi, "Wazi kangcono kunalokho." Ngathi, "Wa—Wayengumuntu lapho Eya ethuneni likaLazaru, ekhala, kunjalo. Kodwa ngenkathi Eqondisa amahlombe aKhe amancane phezulu, wayesethi, 'Lazaru, phuma,' nomuntu owayesefe izinsuku ezine wama ngezinyawo zakhe futhi wabuye waphila, lowo wayengaphezu komuntu, owayengenza lokho." Ngisalokhu ngiMkholwa eyilokho.

15 NgeSonto, ngisakhuluma, si . . . Ngangicela abantu ukuba bajike etabernakele futhi baxhawulane. Futhi kwakukhona u—umngani othandekayo, ngisanda kufunda ukumthanda. Ungena endlini yokukhonzela nje, yena nomkakhe. Umkakhe uyinesi elirejistiwe. Futhi yena uqobo uyiNgisi. Ungowase Norway. Ukuthi lokho kwaze kwenzeka kanjani, angazi. Kodwa—kodwa, nokho, bobabili bangabantu abakahle. Futhi lo—lomfowethu wayekade enento ethize encane engalungile, ethi ukuba senhliziyweni yakhe. Futhi indoda engumKristu okahle kakhulu, nendoda eyisihlakaniphi, futhi, yenza umsebenzi ojikelezayo wokuba ngabacwaningi bamabhuku ezezimali nokunye nokunye. Futhi yajika, futhi, ngenkathi ijika, ukuhlaselwa yinhliziyo kwayishaya, futhi yagexezela yagobela kwiphansi lendlu, isifile.

16 Nomkayo, eyinesi, wayidumela ngokushesha, wayesedumela ukushaya komthambo wayo phezu kwenhliziyo yayo, "Akasekho." Ngase ngibuka ubuso bayo, bumnyama ngempela, amehlo ayo ayesebheke emuva. Ingawavalile nje amehlo ayo, kodwa amehlo ayo eqhunsukile ngaphambili. Futhi yayi . . . Ngiza nganeno emsamo, ngazama ukuthulisa izethameli, abantu abaningi wayezama ukusiza udadewethu, kusobala, kulesosimo, nomyeni wakhe. Omunye wabeka into ethize phezu kwekhanda layo, noma phansi kwekhanda layo, njalo.

17 Ngabamba inhliziyo yayo, uku . . . ukushaya kwemithambo yayo engalweni yayo, futhi kungasekhomthambo oshayayo kunoma ukhona ku*leso* sinqamu sokhuni. Ngase-ke ngiguqa

phansi ngase ngikhuleka, “Nkosi Jesu, ngikhuleka kuWe, buyisa owethu uMfowethu Way ukuphila kwakhe.” Nenhliziyo yakhe ishaya kane noma kahlanu, yayisiqala ishaya ngokwejwayelekile futhi. Futhi uyabuya uyaphakama futhi, futhi wayezama ukukhuluma. Wayengakwazi ukukhuluma, waye . . . Igazi liyama, niyazi, uma inhliziyo ima. Futhi kwakuyisikhathi impela ngaphambi kokuba igazi lakhe lithole ukuhamba kahle nje ngqo. Futhi ngamuzwa ebiza igama lami, ngase-ke ngibuyela emsamo.

18 Mfowethu Way, angazi nje noma ubungasukuma yini ukuze abantu bezokwazi ukukubona ukuthi indoda yayingubani. Yileyondoda eyawa yafa, ngeSonto ekuseni, ngokuhlaselwa yinhliziyo. [Ibandla liyathokoza—Umhl.] UDadewethu Way, umkakhe, inesi elalimi lapho ukuba lithathe ukushaya kwemithambo yakhe, ukubona. Futhi abone ukuthi u . . . Ngakho ngi . . .

19 Lokho kuzwakala kuxake kakhulu, mhlawumbe, kubantu abebengezikholwe lezizinto. Kodwa ngiyibonile iNkosi uJesu ivusa abafile, izikhathi eziningi. Nalokho akukusha kithi, ngakho besingeke . . . Ngicabanga ukuthi kuhle ukuqhosha ngoJesu, kodwa ngicabanga ukuthi bekufanele kube yiqiniso elithize, oqhosha ngakho. Ngakho siMbonile, ngiMbonile, eminyakeni edlule eyishumi nanhlanu, ngezehlakalo eziningi ezingenakuphosisa, evusa abafileyo.

20 Ikakhulukazi oyedwa eMexico, lapho uMfowethu Moore nami ngangimi eDolobheni laseMexico, ingane encane yafa ngokunye ukusa ngelesishiyagalolunye nqo, inenyumoniya, ehhofisi likadokotela. Nowesifazane omncane, sasingakwazi ukumthola ukuba aye e . . . Awu, indoda yayikhiphe onke amakhadi omkhuleko, futhi sasidingeka nje ukuba sibabale lapho benyuka. Kwakungasekho makhadi omkhuleko. Nalodadewethu omncane oyiSipenishi, cishe, ngiqagele, oneminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, wayenencane, ingane efile; futhi lalina, futhi wayenayo phansi koblankethe.

21 Futhi ubusuku ngaphambi kwalokho, kwakukade kukhona indoda eyayimpumputhe eyayi, o, mhlawumbe indala njengoba nje ubaba wami wayengaba mdala, mhlawumbe ineminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, iphuphuthekile, futhi yathola ukubona kwayo ngenkathi ngangiyikhulekela. Futhi ngalobo bukusuku, umsamo ngokwangempela ubanzi nje njengoba lona ukuvundle lapha, kwakungutshani nje obuthi, o, abuphakame kakhulu, amafidi amabili noma amathathu, namatshali nje nezigqoko, izingubo ezindala ababekade bezibeke phezulu lapho.

22 Nalona wesifazane omncane wayezama ukusukuma lapho. NoBilly Paul, indodana yami, weza wayesethi, “Babayi,

nginabangenisi abathi impela ababe ngamakhulu amathathu lapho, futhi onke amakhulu amathathu awakwazi ukubamba lowo wesifazane omncane.” Wayenengane efile phansi komncane, ublankethe ol’hlaza sibhakabhaka.

Ngathi, “Awu,” ngathi kuMfowethu Jack Moore, “yehla.”

23 UMfowethu Jack Moore nami sinenqwaba yezinto esihlanganyela kuzo. Angifuni ukuba ngithi sibukeka sifana, ngoba uyindoda ebukeka kahle ngempela. Kodwa into eyodwa ngoMfowethu Moore, sobabili sehlukanisa izinwele zethu ngendlela efanayo. [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Sinenqwaba yezinto esihlanganyela kuzo. Ngacabanga, “Owesifazane akazange angazi,” babedingeka bangehlise ngezintambo ezithize nezinto, ukuba ngingene. Ngakho ngamthumela phansi ukuba akhulekele ingane encane. Ngacabanga, “Awu, bangeke, akasoze awazi umehluko.”

24 Futhi ngakho ngase ngiqalile ukukhuluma futhi, ngenkathi . . . UMfowethu Espinoza, abaningi benu bazalwane bayamazi, waseWest Coast, wayehumusha. Lokhu kwakuphandle lapho ngaseringini yenkunzi eDolobheni laseMexico. Ngase ngibuka laphaya phezu kwezethameli ngase ngibona umbono wengane encane enguMexico ihlezi, ingimamathekela. Ngakho ngathi, “Liletheni lapha inenekazi elincane.” Ngakho ngabeka izandla phezu koluncane, olufile, olugongobele, ubumba oselubanda. Izinyawo zayo ziqala ukukhahlela, futhi iqala ukudazuluka, futhi—futhi yayilapho, isiphila.

25 Ngase ngithumela isigijimi, uEspinoza wenza, ukuhlola nodokotela, ukuthola isitatimende ngaphambi kokuba sikubhale sikukhiphe. Udokotela wabhala isitatimende esifungelwe, ukuthi leyongane yafa ngalokho kusa ehhofisi lakhe, cishe ngelesishiyagalolunye nqo, futhi lokhu kwakuthi akube eleshumi ligamenxe ngalobobusuku. Nengane iyaphila namuhla, futhi ithokozela impilo enhle, odumweni nenkazimulo kaNkulunkulu.

26 Ngakho ukubona izinto eziningi zenzeka, besingeke sidingeke ukuba sisho ngowethu uMfowethu Way lapho, kodwa iqiniso liyiqiniso. NoNkulunkulu akazenzi nje lezozinto ukuba nje . . . Ufuna kwaziwe, nabantu ukuba bazi ukuthi Uyabathanda. Nangomusa kaNkulunkulu, uMfowethu Way uhlezi phakathi kwethu kulobubusuku, ephila. Sinokubonga ngalokho.

27 Ngicabangile, ngokuba senkundleni yekhempu, ngingena, angifuni nje ukuphazamisa isikhathi esikhulu. UBilly ubengitshela, kulentambama, ukuthi, “Ukhuluma ngePhentekoste eyifeshini endala ngempela,” wathi, “awulinde uze ufike phezulu lapho!” Wathi, “Bacula sengathi bake babanesehlakalo seminyaka engamashumi amahlanu.”

Ngathi, "Ngiqagele abanye babo unaso, ya, seminyaka engamashumi amahlanu."

28 Futhi ngiyathanda nje ukungena emhlanganweni onjalo, ngikholwa ukuthi sonke siyathanda, lapho nje esingena kuwo ngqo.

29 Njengoba ngangivamise ukuxoxa indaba encane ngokudoba. Enhla enyakatho New Hampshire, ngangidoba inhlanzi itrout. Futhi phezulu le enhlokweni yentaba, nganginethende elincane lihlezi phezulu lapho, o, lawo ithende uA elincane, ithende elincane lomdlwane elivela kuhulumeni. Futhi ngangithole indawo lapho okwakunenhlanzi eningi itrout, ngangisemuva phansi kwesihlahla. Futhi kwakukhona—futhi kwakukhona umnyezane wezinyamazane ezinezimpondo ezimagatshagatsha lapho, futhi ngaso sonke isikhathi ngangizama ukumanzisa uhhuku lami elimbozwe ngokusampukane, ngani, lwalubambeka emnyezaneni. Ngakho ngalokho kusa, ngavuka, ngenyukela lapho, kuse eli, ngase ngicabanga, ngizoyigawula leyominyezane. Ngizovele nje . . . Uma ngibulale inhlanzi, khona-ke ngizoyidla, kungenjalo ngizoyidedela. Ngakho nganginalo lonke iviki, engangingakunakekela kuphela, futhi ngangisenhla lapho ngingedwa.

30 Futhi ngisahambile ngalokho kusa, endleleni yami sengibuya, ibhere elidala lensikazi namawundlu amabili amancane ayengene ethendeni lami. Futhi ukhuluma ngokuphihliza izinto, ayeliphihlize kahle ngempela. Futhi ayedabule yonke into. Futhi nga—ngacabanga . . . Uma sengibuya, ngezwa umsindo, ngase ngiqalaza izihlahla ezincane engangiza ngakuzo. Nomama bhere omdala nawo onke wayenesikhathi nje, evundulula yonke into.

31 Wayesengibona, wayesesuka ebaleka wayesekhala ebiza amawundlu akhe. Elinye lamawundlu liyeza, nelinye alizanga. Umfo omncinyane, egxumagxuma, wayephakeme *kangaka* nje. Wayehlezi ka*nje*. Ngase ngicabanga, "Awu, yini umfo omncane ayikhathalele kakhulu kangaka na?"

32 Ngase ngijika ngale ngase ngibuka. Ngathi kuye, "Phuma lapho! Phuma lapho!" Futhi wavele wahlala lapho nje. Ngacabanga . . . Ngase ngibhekisisa umama omdala, ngoba, niyazi, ukudlala ngamawundlu akhe, wayeyokuklwebha, uyazi. Ngakho nga—nga—ngabhekisisa; kwakukhona isihlahla esithi asisondele impela, niyazi. Nganginevolovolo elidala eselinerasti libekwe laphaya ethendeni, cishe lase lephukile ngaleyonkathi. Futhi, empeleni, ngangingeke ngifune ukudubula umama omdala futhi ngishiye izintandane ezimbili emahlathini. Ngakho ngangilokhu ngibhekisisa lesisihlahla, ngizungeza ukuba ngibone ukuthi umfo omncane yini eyayimhuha kangaka.

33 Futhi, niyazi, ngi—ngi—ngiyawathanda amapanikuku. Thina, sonke singabaseNingizimu, asisibo na? [Ibandla lithi, "Yebo."—Umhl.] Amaflepjeke yilokho ayikho ezansi lapha, niyazi. Ngakho, futhi ngiwathanda ngempela, futhi ngi—futhi ngi—ngiyazi . . . Ayikho iMethodisti engaka ngami; ngithanda ngempela ukuthulula kutiligi. Ngiwabhabhathiza kahle ngempela, ngiwuthululele phezu kwawo. Ngakho angithandi nje ukufafaza ibhijanyana njengoba nithola kulezizindawo lapha, into encane. Ngithanda ukufika lapho khona okuthululela khona ngempela, uyazi, bese uwaxuba kahle nakanzima.

34 Nganginebhakede eligcwele lohhafu wegalane lo—losagamu omnandi omdala. Lelibhere elincane lalisuse isivalo, futhi laliwujabulela ngempela utiligi wami. Ngangilokhu ngilibhekisisa ngale ekhoneni. Lalithatha isidladla salo esincane bese lisinamathelisa phansi kulelibhakede, niyazi. Futhi lalingazi ukuthi lingawukhipha kanjani utiligi, ngakho livele nje linamathelise isidladla salo phansi kutiligi wami, bese-ke liwuvundulula bese likhotha ngenkathi wehla.

35 Ngiyanitshela, ngenkathi ekugcineni ngizungeza futhi ngathola ukunaka kwalo, langibuka. Lalingakwazi ukungibona, lalingutiligi kusukela phezulu ekhanda lalo, kwehle njalo. Isiswanyana salo nje sigcwele utiligi nje. Namehlo alo, lalingakwazi ngisho ukuvula amehlo alo ukuba lingibuke, niyazi, lizama.

36 Ngacabanga, "Kunjalo. Akusekho ukulahlwa kwabadlayo." Kufaka emqondweni umhlangano omuhle omdala wePhentekoste, uma sifaka izingalo zethu phansi kulesositsha soju, olujule *kangaka*, niyazi, lwaloloJu lwePhentekoste.

37 Niyazi, into exakile ngalo, emva kokuba selisuthise isisu salo, nebhakede lami lakhishwa ukudla okucwilisiwe, lawelela kunina nomfowabo omncane, nomama walikhotha.

38 Ngakho, niyazi, ngithemba ukuthi sithola okuningi kakhulu lapha phezu kwethu, ukuthi, uma siya ekhaya, labo abangezanga bazokhotha kithi, esincane sesehlakalo sethu, sibatshele ukuthi zinto zini ezinkulu iNkosi ezenzile ezansi lapha eHot Springs. INkosi inibusise.

39 Futhi manje, ngiyakholwa, bangitshele ukuthi abakutholanga ngesikhathi, noma enye into ethize, ukumemezela ukuba bakhiphe amanye amakhadi omkhuleko, ukukhululekela abagulayo; ezinye izinombolo emakhadini, siyababiza futhi sibakhulekele. Futhi manje kanjalo, ngakho kunikwa mina ubusuku obubodwa ukuba ngithi ukujwayelana. Futhi ngakho kusasa ebusuku ngicabanga ukuthi bazokhipha amakhadi abo omkhuleko, ngesinye isikhathi ntambama. Kunjalo na? Ya, senivele . . . Ngelesithupha nqo na? Ngelesithupha nqo kusasa kusihlwa.

40 Manje ngicabangile, kulobubusuku, sizothatha nje ingxenye encane yomBhalo lapha futhi siWufunde, futhi sibone ukuthi singakuthola yini iNkosi ezositshela khona. Futhi manje ngaphambi nje kokuba sivule iNcwadi, asikhulume kuMqalisi weNcwadi, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

41 Singakakhuleki, namakhanda ethu ekhotheme; nayo yonke iminako manje, nakho konke ukudlala kosuku, namancoko amancane esibe nawo, asikufuqele eceleni nje manje, ngoba sisondela eNkosini. Ngabe zikhona izicelo ezikhethekile, eningathanda zikhunjulwe, obungaphakamisa isandla sakho nje, futhi uthi, "Nkosi!" Phansi ngqo enhliziyweni yakho, bamba isicelo sakho nje.

42 Baba wethu waseZulwini, sikuthatha njengenhlanhla enkulu lokhu, Nkulunkulu Somandla, ukuza enhlanganweni yeNkosi, ukuba sihlanganyele ndawonye, sifakaza, sikhuluma ngezinto ezinkulu Ozenzile, nezindawo esibe kuzo. Futhi nje kungikhumbuza ngeZenzo 4, eBhayibhelini, ngenkathi bebuya futhi wayekhuluma ngalokho iNkosi eyayikwenzile. Futhi bonke bakhuleka, nendawo yazanyazanyiswa, lapho ababebuthene khona ndawonye.

43 Nkulunkulu, asishisekele kakhulu, kulobubusuku, ukubona indlu izanyazanyiswa; kodwa singathanda ukuba Wena usizamazamise, Nkosi. Zamazamisa ukuqonda kwethu. Zamazamisa ubuthina, idlingozi lethu, izinhliziyo zethu zokuqonda, ukuze sisuke lapha kulobubusuku, sizimisele kakhulu kunanininini ukuKukhonza, ukuze sikwazi ukuzwa uBukhona bePhentekoste entsha esefreshi, kaMoya oNgcwele uthululeka phezu kwethu, kafreshi nakabusha njengasezansi kulamahlathi namagquma eArkansas, iminyaka engamashumi amahlanu eyedlula, ngenkathi obaba bedabula lapha begibele amahashi nezinqola, beshumayela leliVangeli. Nkosi ethandekayo, kwangathi thina, abathwali baleMbangela enkulu efanele Oyithumele konke lapha, kwangathi singebe namahloni alento enkulu; kodwa kwangathi singahamba ezinyathelweni zalabo abahamba phambi kwethu, Nkosi, bephethe iflege leNkosi uJesu.

44 Kwangathi abanye, abangakalemukeli lelicebo elikhulu lensindiso uNkulunkulu asendlalele lona emBhalweni, washo kungakenzeki kusuka phansi le ngeTestamente eLidala, futhi namhlanje siyalijabulela, kwangathi kungabakhona okukhulu ukuzamazamisa phakathi kwethu, Nkosi, nokwenziwa busha kokukholwa no—nokwenziwa busha kwemizamo.

45 NgiyaKubonga ngalengqungquthela, yalesisigejane sabantu osalokhu ebambelele, Nkosi. Ngalelihora lesivivinyo elifike phezu komhlaba, ukuvivinya labo abazisho ukuthi bangamaKristu, kwangathi singafunyanwa, ekupheleni,

sifanele ukungena ezinjabulweni zeNkosi, okulungiselelwe abaHlengiweyo, selokhu kwasekelwa izwe. Busisa iZwi laKho.

46 Nkosi, khumbula zonke izandla eziphakamileyo. Uyayazi impokophelo, Uyayazi injongo, Uyasazi isicelo esisemva kwalesosandla. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokupha lowo nalowo. Kwangathi wonke owesilisa o...noma owesifazane, umfana noma intombazane, ophakamise isandla, obefuna enye futhi insindiso, ukuhamba okusondele kakhulu, noma ukwazi Wena njengoMsindisi wabo, kwangathi bangesuke kulenkundla kuze kuphendulwe lesosicelo.

47 Kulabo abagulayo nabadingayo, siyakhuleka, Nkulunkulu, kuzoba khona igagasi elikhulu lokuphilisa elinqamula kulendawo, ukuthi akuzukuba khona muntu obuthakathaka oza kulenkundla uzosuka ngendlela abeza ngayo. Wena ongavusa umuntu kwabafileyo, bese umethula lapha phambi kwethu, kukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owama lapho ngasethuneni likaLazaru, wambiza aphume phakathi kwabafileyo. Baba, bazise ukuthi Unguwena izolo, namuhla, naphakade. Lapha kumi oyedwa phakathi kwethu kulobubusuku, ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, wabizwa esuka ezweni elingaphesheya kwethunzi lokwazi komuntu kulokhu kuphila. SiKubonga kakhulu ngalokhu!

48 Sibusise kanyekanye manje njengoba sitadisha iZwi laKho, ngokuba qiniso iZwi laKho liyiQiniso. Wena neZwi laKho nimunye. Bangehlukaniswe. Ngakho sicela izibusiso zaKho phezu kwethu, Baba, njengoba silinda kuWe ukuba ukhulume kithi kulobubusuku, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

Manje, uma nithanda, ngithanda ukuphenya emiBhalweni, kanjalonjalo.

49 Ngithe ukucambalala embhedeni ngase ngilala; into yokuqala niyazi, uBilly uyenyuka wayesethi, “Asihambe.”

Ngathi, “Uqonde ukuthi sekuyisikhathi senkonzo na?” Ngidingeke ukuba ngihoshe inqwatshana yemiBhalo ebengiyisebenzise ngaphambili, uku—ukukhuluma ngayo kulobubusuku.

50 Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe kuzokhishwa amanye amakhadi omkhuleko futhi kukhulekelwe abagulayo, kanjalo njalo. Ngiqaphelile selokhu ngingene lapha, abantu ababili belele embhedeni eyizinhlaka, mhlampe bazela ukuzokhulekelwa kulobubusuku.

51 Manje, no—noBilly uyabuya, wathi, “Angingenanga nje kuseyisikhathi, babayi.” Sakhuluma ngakho. Sathi, “Sizo—sizokuzama kusasa ebusuku.”

52 Ngathi, “Kulungile, landa abazalwane, kulande, khipha amanye amakhadi omkhuleko.”

53 Ngakho manje ngifuna niphenye kanye nami, e—eNcwadini yamaKhosi esiBili, nesahluko 1. Bese kuthi-ke futhi ngifuna ukuphenya phakathi lapho kuJeremiya, isahluko se 8 nevesi lama 22. Asifunde nje ingxenye yalomBhalo.

> *UMowabi wahlubuka kwaIsrayeli emva kokufa kuka-Ahabi.*
>
> *UAhaziya wawa eheleni lekamelo lakhe eliphezulu laseSamariya, wagula: wathuma izithunywa, wathi kuzo, Hambani, nibuze kuBali-zebubi unkulunkulu wase-Ekroni uma ngiyakusinda kulokhu kugula kwami.*
>
> *Kepha ingelosi yeNKOSI yathi kuElija waseThishibi, Suka, futhi ukhuphuke futhi ukuhlangabeza izithunywa zenkosi yaseSamariya, uthi kuzo, Kungokuba kungekho-Nkulunkulu kwaIsrayeli, ukuba niye nibuze uBali-zebubi unkulunkulu wase-Ekroni na?*
>
> *Ngalokho iNKOSI uNkulunkulu usho kanje uthi, Umbhede okhuphukele kuwo awuyi kwehlika kuwo, kepha uyakufa nokufa. Wayesesuka uElija.*

54 Bese kuthi-ke eNcwadini kaJeremiya, isahluko se 8 nevesi lama 22.

> *Ibhalisamu alikho kwaGiliyadi na; inyanga ayikho lapho na? pho ayiphiliswa ngani i . . . mpilo yendodakazi yabantu bami na?*

55 Ngifuna ukukhuluma, uma besingakubiza, ngendaba ethi: *Kungani?* Ngu—ngumbuzo, noNkulunkulu ubuza lombuzo.

56 NoNkulunkulu uPhakade. Siyazi Unjalo. Ungongunaphakade. Wayengakaze abe nesiqalo, noma Akasoze aba nesiphelo. IPhakade alikaze liqale, alipheli neze, ngoba liPhakade.

57 NoNkulunkulu angewuguqule umqondo waKhe nendlela yaKhe. Yingakho ukuthi thina, njengabantu esingezukuzemukela izivumokholo, uma siphambene neZwi, ngoba siyakholwa ukuthi uNkulunkulu neZwi laKhe uyafana. Sikholwa ukuthi iBhayibheli liyasho kuJohane oNgcwele, isahluko 1, ukuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Ngakho-ke uma uNkulunkulu esho noma yini, Angeke, kusasa noma ngasiphi esinye isikhathi, aze ayihoxise; uma uNkulunkulu eke wabizelwa enkundleni, ukwenza isinqumo. Nesinqumo saKhe esisodwa siPhakade. Singeke saguqulwa neze.

58 NoNkulunkulu wabizwa ukuba enze isinqumo sesintu, ensimini yase-Edene, ngenkathi isono sokuqala senziwa. Wayengake aze akwazi ukuhlenga umtanaKhe olahlekile abuyele enhlanganyelweni naYe futhi na? Futhi Walungisa uhlelo olulodwa. Alukaze luguquke, ngendlela yegazi. Futhi

landelani imiBhalo, aluzange lushintshe noma luguquke, futhi lungeke lwakwenza neze, ngoba yisinqumo sikaNkulunkulu, ngeGazi. Nakuba, sazama ukulushintsha. Sizame ukulufundisa. Sizame ukuluhlela. Sizame ukwenza yonk'into ekhona emthethweni womuntu, ukuzama ukuguqula Lolo, njengoba uAdamu enza ngamaqabunga omkhiwane kanjalonjalo. Kodwa lusalokhu lusasele, iGazi yiyona-ndawo yenhlanganyelo.

59 Ngakho-ke, kanyekanye kulobubusuku, singama, hhayi njengehlelo elilodwa, mhlawumbe abaningi bethu ndawonye. Kodwa singeke sama lapha ukuba simele ihlelo elilodwa, sizofanele sime lapha kulenhlanganyelo phansi kweGazi likaJesu Kristu. Sonke singaba ngabazalwane, odadewethu. UNkulunkulu umenzela indlela umuntu, bese kuthi-ke umuntu ale ukuhamba kuleyondlela, khona-ke uNkulunkulu unelungelo lokubuza, "Awukwenzanga ngani na?" Futhi yilokho Akwenza ngaleyonkathi, futhi yilokho Akwenza manje, futhi yingakho Ezokwenza, Ayokubuza ekwaHlulelweni. Babuzile, "Ngani?"

60 Manje, ukufundwa komBhalo wethu uqale ngokuthi, masinya nje emva kokufa kuka-Ahabi, inkosi embi, ikholwa elithiyeka emnceleni, indoda eyayikwazi okulungileyo ukuba ikwenze, futhi nokho ayibanga nesibindi sokuphuma futhi yenze lokho eyayazi ukuthi kwakulungile ukuba ikwenze.

61 Ngiyacabanga nje, uma leli—uma lelizwe lingonakalisiwe namhlanje ngoAhabi, lamazwe onke enkolo yamaKristu esiphila kuwo, onakaliswe ngoAhabi, ngumuntu owazi ngempela ukuthi kulungile ukunikela impilo yakho futhi ube... kuNkulunkulu, futhi ugcwaliswe ngoMoya, nokulandela izimfundiso zaleliBhayibheli, futhi nokho ungenasibindi sokuma futhi ukwenze. Kungikhumbuza futhi ngesinye isimo esinjalo eSodoma.

62 IBhayibheli lathi, "Izono zaseSodoma, zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo kaLoti, imihla ngemihla." Nokuthi umphefumulo womuntu wawulunge kanjani, futhi wabuka phandle phezu kwezono zezwe, futhi wayekwazi lokho okwakungalungile, ukuthi babenza okungalungile, futhi nokho engenasibindi sokumela kulokho akholelwa kukho.

63 Akumangalisi umhlaba wonke usuphenduke iSodoma neGomora, nokuthi oLoti bakanjani namhlanje, esizweni sonke nasemhlabeni jikelele, bemi emabandleni, okholisekile ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, nokuthi amandla aKhe ayiwo ngempela namhlanje njengoba ayelokhu eyiwo, engenasibindi sokuma epulpiti futhi asisole isono, ngenxa yesinye isithiyo ebesingabakhipha ebandleni enhlanganyelweni abebejoyine kuyo. Usalokhu ebuyela eGazini likaJesu Kristu, okuyilona kuphela ikhambi.

"Ngani? Ngani?"

64 UAhaziya wa—wayeyindodana ka-Ahabi, wayekhuliswe ohlobweni lwekhaya ela—elaliyi—yikhaya elisivivi. Kwakungesuye umKristu ngakho konke. Unina wayengumhedeni. Noyise wayeganwe ngaphandle kwenhlanganyelo, waganwa ngowesifazane owayengesilo ikholwa.

65 Nalokho njalo kwenza ikhaya elibi lanoma yimuphi umntwanyana ukuba akhuliswe kulo, ukuthi uma ukungakholwa nokukholwa kuzama ukuxubana ndawonye.

66 Futhi, manje, ukuba ubaba wayekade eyindoda eqine ngempela ekukholweni kwakhe, umntwana wayengahle abe nethuba elingcono, kodwa wa—wayengaqinile. Wayengenakho. Wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakukhona uJehova. Futhi manje-ke u...onkulunkulu bakanina, nokunye nokunye. Wayedideke ngakho konke. Manje-ke emva kokufa kukayise, lomfana ekulesisimo, wathi ukuxoveka, ngendlela eyodwa noma enye.

67 Futhi uma leso kungesiso isithombe samazwe namuhla! Oyedwa emndenini unga*le*ndlela, nomunye, nomunye eya ngaku*le*ndlela noyedwa eya ngaku*leyo*ndlela. Akumangalisi sikhiqiza obuningi kangaka ubuhlongandlebe bentsha, nazo zonke ezinye izinhlobo zezinto, phansi kwegama lobuKristu. Yingenxa yokuthi abukho ubunye. Akukho ukubizelwa ngaphandle kwangempela, nokumela uNkulunkulu.

68 Manje sithola ukuthi, lomfo udla ifa lesihlalo sobukhosi sikayise. Ngoluny'usuku, phezulu ekugcineni kovulande wakhe oyisitezi ndawondawo, ehambahamba, wa—wawela e—eheleni. Angahle ukuba wayeqiwe wuphuzo oludakayo wayesewela eheleni, phansi mhlawumpe phansi ekugcineni kwephansi lendlu, washaya ibhentshi noma eny'into, wayesephuka izimbambo ezimbalwa noma washayeka konke. Futhi ukugula ngahle ukuba kwaqala ukufa okuthathelwanayo ndawondawo, noma ukushayeka, futhi kwabangela ukuba abe nemfiva. Futhi wayegula kabana.

69 Kusobala, ngalezozinsuku, babengenawo amakhambi asebenawo manje. Mhlampe odokotela bafika futhi benza ababengakwenzela umfo, kodwa babengenakho okwenele. Khona-ke wayazi into yakhe kuphela ayengayenza kwakungaba ngukuthi aye emandleni athe ukuphakama kunalawo odokotela ababengawaveza ehlelweni lamagama abo ezemithi yokwelapha. Futhi wacabanga ukuthi wayesezohamba-ke; futhi wathumela kunina.

70 Isifundo esinje obekufanele kube yiso komama! Umntwanyana ngokuvamile uyobuza kumama wakhe.

71 Futhi waya kowakhe, wathumela kunkulunkulu kanina, uBali-zebubi, ngale e-Ekroni, lapho isithombe sakhe esibazwe ngetshe sasikhona, itshe lakhe lesikhumbuzo. Wayesethi,

"Hambani nibuze kubapristi laphaya, futhi nithi ababuze isithombe esibazwe ngetshe sikaBali-zebubi, ukuthi ngabe ngizosinda kulokhu ukugula enginakho, noma qha."

72 Kodwa niyazi, leyondoda, ngempela, wawungathini nje? Abantu ababefanele ngukuba ngabantu abamesabayo unkulunkulu, bavumele indoda enjalo ibuse phezu kwabo, yingenxa yesimo esiluvivi. Kwakuyisimo ibandla elalingene kuso, elafaka umuntu onjengalowo emandleni, noma bakuvumela. Angicabangi ukuthi izikhathi sezishintshe kakhulu impela; basabonakala befana ngakho konke. Futhi bavumela lendoda ibuse, ibe nezwi phezu kwezwe, eyobuza kwesinye isithombe esibazwe ngetshe somuny'umqondo wabahedeni ngesimo sayo.

73 Bese kuthi-ke, niyazi, kodwa emva kwakho konke okwakho, akunandaba ukuthi kubonakala kangakanani ukuthi uNkulunkulu ufulathelise ubuso baKhe kubantu, Uyakwenza lokho ngesinye isikhathi ukubona ukuthi hlobo luni lwesimo sokuziphatha osithathayo. Yonke indodana eza kuNkulunkulu izofanele ivivinywe futhi ilaywe.

74 Bese kuthi-ke kunendawana encane kowesilisa, noma owesifazane, uma bezalwa nguMoya kaNkulunkulu, lokho kuPhakade.

75 Futhi uyongena endaweni ngesinye isikhathi ukuya lapho konke. . . Yonke into engubuntu ngawe, ekuzindleni, idemoni lingakuzindlisa kusuke kuwe. Kodwa uma kubhidlika konke kusuke, khona-ke, uma lokho kuPhila okuPhakade kungekho lapho, uyowa futhi, ngoba ungazizindlisa wena uqobo usuke kuNkulunkulu.

76 Kodwa indoda ezisho ukuthi ingumKristu, ayinalungelo epulpiti, noma ayinalungelo eofisi, umholi noma kuphi, kuze kuthi kuqala isikhwele lezozitebhisi yayongena endaweni ukuya lapho ezalwa khona ngoMoya kaNkulunkulu, yagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ngangokuthi akukho-muntu ongakuchaza akususe kuyo.

77 UNkulunkulu, ngenkathi Ethumela uMose ezansi eGibhithe, ukuyokhulula abantu, kuqala Wamthatha kwingemuva logwadule, wayesethatha yonke isayense yezenkolo ayenayo wayikhipha kuye, eminyakeni engamashumi amane, wayesebonakala kuye-ke. Wazi kakhulu ngoNkulunkulu, ngemizuzu emihlanu, eseBukhoneni balesosihlahla esivuthayo, kunoma wayazi eminyakeni engamashumi amane yokufunda ayenakho.

78 Yilokho ibandla elikudingayo kulobubusuku, ngesinye isehlakalo sesihlahla esivuthayo, lapho abantu abanolimi olushelelelayo. . . Lapho, umBhalo uthi, "Imimoya emibili ngezinsuku zokugcina iyosondelana kakhulu, uyodukisa nabakhethiweyo uma kungenzeka."

79 Indoda ibifanele kuqala ifinyelele kulowomhlabathi ongcwele noNkulunkulu; lapho khona bonke osiyazi bezenkolo, bonke odokotela bezobunkulunkulu, konke ukuzindla, bonke abaphikinkulunkulu, akukho okunye okungake kuze kuchaze lokho kukususe kuye. Wayelapho ngenkathi uNkulunkulu efika, futhi uyazi ukuthi kwenzekani. Ungeke wakuzindlisa ukukhiphe kuye; wayelapho ngenkathi kwenzeka. Yilolohlobo lwendoda esiludingayo namuhla kuhulumeni, ebandleni, nanoma yikuyiphi enye indawo, ezikhathini ezinje. Ngokobuholi, sidinga indoda egcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

80 Yilokho ibandla elikudingayo namuhla; hhayi usiyazi wezenkolo, kodwa egcwaliswe ngoMoya, indoda ezelwe ngokusha, egcwele uMoya oNgcwele. Ngiyanitshela, ukuba besinamanye futhi alokho, ibandla beliyobukeka lehluke kancane kunoma lenza ngesikhathi samanje. Izinto beziyokwehluka ukuba nje besinamanye futhi indoda egcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, singalandeli amasiko abadala, kanjalo kanjalo.

81 Manje sithola ukuthi lomfo wathumela enhla lapho ukuthola lolulwazi ku—ku—kunkulunkulu wase-Ekroni, uBali-zebubi.

82 Kodwa, sonke isikhathi, uNkulunkulu wayazi ukuthi wayekwenza. Ngakho Wayenomprofethi ezansi lapho, ogama linguElija, ngakho Wakhuluma kuElija wayesethi, "Yenyukela lapho emgwaqeni othize, bese uma kuleyondlela. Izithunywa ziyenyuka." Niyabo, ungemfihlele lutho uNkulunkulu, uyabo, akunandaba ukuthi wenzani. Manje, wayazi kancane kanjani lowomfo ukuthi uNkulunkulu wayekhuluma kuElija ezansi le ehlane ndawondawo, endlini encane yodaka ndawondawo, futhi ekwazi ukumtshela ukuba "Ahambe, ame ekhoneni lomgwaqo enhla lapho, futhi akhulume kulababafo, futhi abatshele ukuba ba 'Buyele ezansi kuye, futhi bamtshele, "ISHO KANJE INKOSI, akehli kulowombhede."'"

83 Futhi Wathi, "Mbuze, 'Ukwenzeleni na? Yini ekwenza ukwenze na? Yingoba engekho yini uNkulunkulu kwaIsrayeli na? Yingoba Engenaye yini umprofethi na? Yingaleso sizathu yini ukwenzile na? Ngani, uyazi ukuthi kwenzekeni. Uyawazi umBhalo. Unayo esigodlweni sakho uqobo. Abapristi bakhona ngapho. Akungabazeki uyifundile kusukela usengumfana. Futhi uyenzelani into ewubuthutha enjengaleyo na?'"

84 Ngiyamangala, kulobubusuku, uma uKristu engafika enkundleni, noma phezu kwesizwe namhlanje, ekudonseleni lesisizwe ekwahlulelweni, ukuthi lombuzo ofanayo ubungebuzwe yini. Kungani, kungani na? Kungani ukuthi senza lezizinto na? Kungani siqophisana kuhulumeni, ukuthi ngabe sifanele yini sifunde iBhayibheli emphakathini, futhi, ngani, uma sifunda wonke lombhedo na? Okhokho bethu abayibekanga yini lenqubo-mgomo ngokuhlelekile na?

Lesisizwe asizalelwanga yini phezu kwemigomo yeBhayibheli na? Asikho yini lapha ngenkululeko yenkolo, ukusebenza kuNkulunkulu ngendlela esizwa kufanele ukuba senze ngayo, indlela esikholiseke ngayo ukuthi kuyiQiniso na?

85 Kodwa, niyabo, senze into ethize njengoba benza ngaleyonkathi. Sidedela nje yonke into, ezombusazwe, zisigwinye lombolozi, esikhundleni sokuhlonipha ukuKholwa kwethu kuNkulunkulu wethu, nendoda emele iQiniso. Futhi sivumela ezombusazwe zakithi zigijime phezu kwalokho, futhi sivota ezintweni ezinje okonakalisa lesisizwe, futhi ngenkathi siseza ekwahlulelweni. UNkulunkulu uzovuka enkundleni, ngolunye usuku, nomprofethi onamandla, akhulume kulesisizukulwane futhi—futhi atshele abantu, futhi bazobona ukuthi nguNkulunkulu okhulumayo, kodwa abayikuphenduka. Kuzoba nje njengoba kwenzeka ngaleyonkathi.

86 Wathi, "Akekho yini uNkulunkulu kwaIsrayeli na? Yingoba kungekho-Nkulunkulu na?" Kuyafana njengoba kwasho uJeremiya, "Alikho yini ibalisamu kwaGileyadi na? Ayikho yini inyanga lapho na?" Manje-ke, babengenakukuphendula lokho. Kusobala, yayikhona. Awu, Wathi, "Pho, kungani, nikwenzeleni na? Ayisindiswa ngani indodakazi yabantu bami na?"

87 Manje siyakumangala lokho, kulobubusuku. Ngani? Akukho-Bhayibheli na? Akukho-Nkulunkulu na? Akukho mehluko na? Uma uNkulunkulu ezoletha abantu ekwaHlulelweni, Uzofanele abe nento ethize azobehlulela ngayo. Kuzofanele kube nomgomo othize.

88 Uma Ezobehlulela ngebandla eliKatolika; manje-ke uma bebahlulela ngebandla lamaRoma, ibandla lamaGreki lilahlekile, amanye amabandla aKatolika alahlekile. Uma Elehlulele ngeGreki, elamaRoma lilahlekile. Uma Elehlulele ngeLuthela, iMethodisti ilahlekile. Uma Elehlulele ngeMethodisti, iLuthela ilahlekile. Angekwehlulele ngebandla; ziningi kakhulu izinhlangano ezehlukene zalo.

89 Kodwa uNkulunkulu uzokwehlulela izwe, Wathi, ngoJesu Kristu. NoJesu Kristu uyiZwi, neZwi linguNkulunkulu. Futhi Uzobehlulela ngaleliBhayibheli, ngokuba leli yiZwi. Lowo ngumgomo kaNkulunkulu. Sifanele silinganise size siyofika kulokho okushiwo yiBhayibheli.

90 Futhi siyamangala ukuthi kungani sinokudideka okukhulu kangaka, izinhlangano eziningi kangaka, imehluko eminingi kangaka, yehlukanisa ubuzalwane, na—nayo yonke into. Yingenxa yokuthi ayikho iBalisamu kwaGileyadi na? Ngabe yingoba ingekho inyanga lapho na? Ngiyamangala ukuthi uNkulunkulu ubengesibuze yini lowombuzo na?

91 Manje, kwakungesikho—kwakungesikho ngempela ukuthi babengenayo iNyanga. Babenayo. UNkulunkulu wayeyiNyanga. Futhi kwakungenganxa yokuthi wayengekho uNkulunkulu

kwaIsrayeli. Wayekhona uNkulunkulu. Futhi babenomprofethi ukuba bambuze, ukuthola ukuthi lezizinto ziyini. Kodwa kwakuyintando yenkani yenkosi uqobo. Kunjalo impela.

92 Futhi yileyo indaba esizweni namuhla. Yintando yenkani yabantu uqobo. Hhayi ngoba singenaye uNkulunkulu ofanayo owanqamula uLwandle oluBomvu, nabantu baKhe, owabondla iminyaka engamashumi amane ehlane. Akungoba singenaye uNkulunkulu ofanayo esasinaye ekuqaleni. Yindlela yenkani yabantu uqobo. Abafuni ukukhothama phansi. Abafuni uku—ukuzihlanganisa ngalutho nobungcwele nobumhlophe bokuphila ngendlela yeBhayibheli yokuphila. Bayoqoka ukuba babe ngabebandla futhi bafake igama labo encwadini, futhi baphilise okwalo lonke izwe, kunokukhothama phansi ezithembisweni nemiYalo kaNkulunkulu uSomandla. Yileyo indaba namuhla. Yingalesosizathu izinto zihamba ngendlela eziyiyo, abantu bayaqhela eZwini. Awusoze wakwazi ukuthola ukuqondiswa size sibuyele endleleni yezinyawo eqondile.

93 Bakha lesisakhiwo, babeka lelokhona *lapha* phansi ndawondawo, ubungasoze wathola ukwakha isakhiwo. Ufanele ubekwe phezu kwesisekelo. Nesisekelo yiBhayibheli, izimfundiso zabaphostoli nabaprofethi, kanjalonjalo, zeBhayibheli.

94 Indlela yenkani yenkosi uqobo. Yayingafuni nje uku—ukuthumela ezansi lapho. Kwakungathandwa kangako ngabantu.

95 Indlela kaNkulunkulu yeqiniso ngempela yokuphila ayikaze ibe ngethandwa ngabantu. Ayisoze yaba ngethandwa ngabantu. "Ngokuba ukushunyayelwa kweVangeli kungubuwula kwababhubhayo." UPawulu wathi, "Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu kukho ukusindiswa kubo abakholwayo."

Manje siyathola lapha ukuthi inkosi yayinenkani.

96 Into nje efana nanamhlanje, isiguli siyolala ngqo e. . . Ukuba-ke isiguli siye kudokotela futhi salala phansi ezitebhisini zakhe, futhi saba nolunye uhlobo lwe—lwemfiva ebizosibulala na? Nodokotela afike emnyango, wayesethi, "Mnumzane, nginomuthi phakathi lapha."

Sithi, "A, ngingeke nje."

"Ngena, ngizokunika umjovo, umnokoloto."

"Angiwufuni umuthi wakho."

97 Futhi awusho manje, "Mnumzane, ngi—ngingakusiza uma nje uzovele ungene."

"Awu, angingeni."

98 Nendoda yalala lapho ezitebhisini zikadokotela yase ifa; ifela ezitebhisini zikadokotela ngoba ayiwukuwemukela

umnokoloto wemfiva yesifo samathumbu noma ngabe kuyini, eyayinayo. Ayikuwemukela umnokoloto wakho, nendoda yafela esitebhisini somnyango kadokotela ngqo. Manje, indoda. . . Ungeke wasola udokotela, uma eno—nomuthi oyo—oyokwelapha isifo, nodokotela uyathanda ukuwunikeza, futhi uhlinzekiwe. Nendoda yahlala, isondele kakhulu esitebhisini somnyango kadokotela, yase ihlala phansi lapho yase ifa, ungeke wasola udokotela. Ungeke wasola umuthi. Indoda ebingasoleka; ifela esitebhisini somnyango kadokotela, nesifo ukuthi kunomuthi onokwelapha, ongaselapha, ngaphakathi. Awu, lowo ngumfanekiso nje.

99 Kodwa, niyazi, uNkulunkulu unomuthi ngaphakathi koMbuso waKhe, oyokwelapha sonke isifo sesono esikhona ezweni, nabantu bahlale ngqo ezitebhisini zomnyango wendlu yokukhonzela. Akusikho lokho kuphela, kodwa bahlala ngqo esihlalweni sasesontweni, futhi bafe, futhi balahlwe futhi baye esiHogweni, ngoba bayala ukwemukela umuthi kaDokotela. Amen. Kunjalo. Bala uqobo ukuthatha umuthi kaDokotela, ngakho-ke babulawa yizimfiva.

100 Nabantu bahlala ebandleni futhi bezwe imiLayezo kaNkulunkulu, futhi bayikholwe, futhi angeke baWukholwe. Bangeke bathi, "Awu, manje angikholwa ukuthi lokho kuqinisile." Abanye babo bayoza, basho futhi bavumelane naWo, bathi, "Ngiyakholwa ukuthi Uqinisile," kodwa aniyikukwenza. Niyabo, niyofa. Nifela ezihlalweni zasesontweni, ngoba abayikulemukela ikhambi. Abayikulemukela. Niyabo, okwenzayo, kuthatha imbijanyana yo—yokuthandwa ngabantu. Uthi ukubashaya kancanyana.

101 Bayakwesaba lokho kuZalwa okusha. Niyazi, noma yikuphi ukuzala kungamahlaphahlapha. Angikhathali ukuthi kuyini, uma kusehhokweni lezingulube noma isibhedlela esihlotshiswe ngokuphinki, kungamahlaphahlapha, futhi kunjalo nokuZalwa okusha. Kuyokwenza wenze izinto owawungacabangi ukuthi uyonzenza. Kuyokuqondisa. Kodwa ngaphambi kokuba uze uthole ukuba kahle, uzofanele wedlule kulawo mahliphihliphi. Kunjalo. Amen. Ngaphambi kokuba imbewu ize ikwazi ukuzalwa, izofanele ife futhi ibole. Futhi yileyo indaba ngabantu namhlanje, abafuni ukufa futhi babole phandle ezweni, ukuze bazalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele. Niyabo, kunjalo. Bayakwesaba lokho kuZalwa okusha. Baye—bayesaba.

102 Kubenza benze izinto abangafuni ukuzenza. Kukhipha ukuthandwa ngabantu kubo. Kukhipha isitashi kubo. O, ngiyanitshela, ngiyajabula ukuthi kunomnokoloto, kulobubusuku, ozosikhipha kuwe, mfowethu, ozokhipha izwe. Uzokwenza abantu, ubuzalwane, bahlangane ndawonye kungakhathaleki ngemehluko yobuhlelo. Uzo—uzokwenza owe ovaloni agaxe owejakethe yedina, futhi ampompoloze,

"Mfowethu, ngiyajabula ukukubona!" Amen. Impela! Kodwa ni . . . Bayawesaba lowomnokoloto. O, he!

103 Kuyingozi ukwala umuthi kadokotela, niyazi, uma u—uma uya kuye. Futhi kwesaba i . . . Uma wala umuthi, kuyingozi. Ufanele ufe. Kodwa lokho, lokho, uzofa nje ngokomzimba, ngokungawuthathi umuthi kadokotela. Kodwa kuyingozi enkulu kangakanani ukwala umnokoloto kaNkulunkulu esonweni!

104 Lapha kungekudala, nganginelumbo lokugula okuncane, nomunye wathi kimi, wathi, "Awu, Billy," wathi, "wayigcina inkolo yakho ngesikhathi sokugula kwakho na?" Wathi, "Uyazi, uyakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu; wayigcina inkolo yakho na?"

105 Ngathi, "Qhabo, yangigcina. Akusuwo umqondo wokuba mina ngiyigcine; iyangigcina."

106 Ngenkathi iGazi likaJesu Kristu lichithwa eKalvari, uNkulunkulu wenza ukulungiselela. Ngenkathi umuntu kuqala ona, wazishiyela igebe elikhulu aliwelayo, engazishiyeli ndlela yokubuyela emuva. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, wemukela isibambiso, nalelo kwakuyigazi lewundlu noma lenkunzi esencane, naleso sibambiso sahlala iminyaka.

107 UMose wama phansi kokuphefumulela kukaNkulunkulu, ngenkathi isono singakalahlwa ngisho, sasisibekelwa nje kalula yigazi lezinkunzi nezimbuzi. Futhi wayene—nenkazimulo kaNkulunkulu phezu kwakhe, waze wakwazi ukukhuluma kuvele izibawu, wayekwazi ukukhuluma kuvele amasele. Ngoba, izwi lingumcabango ozwakalisiwe, noNkulunkulu waletha imicabango yaKhe kuMose, noMose wayikhuluma yaba ngamazwi. Futhi ngenkathi kukhuluma iZwi, wonke umhlaba wabunjwa ngeZwi likaNkulunkulu.

108 Kwakuvamise ukuba nesikhathi ukuthi uma ngithola, esikoleni, ngibe no inki omnyama e—eyembeni lami. Umama wayevame ukukhumula iyembe lami, bese ethi, "Linikeze mina, ngokushesha, sithandwa," futhi wayebeka amanye amafutha amalahle kulo. Futhi ayekwenzile nje kuphela ayewuhlakaza, enze indawana eyindingilizi enkulukazi, lapho abeke khona amafutha amalahle phezu kuka inki. Yilokho kuphela ayazi ngakho. Lokho kwakwedlula konke ayenakho.

109 Kodwa kwehlukile namhlanje. Sebekhiqize izinto ezibizwa ngesisusamabala iblishi. Futhi u . . . Yisithako ukuthi nxa lowo inki uconsela emuva kulesosisusamabala iClorox, noma isisusamabala iblishi, noma ngabe kuyini. Uma kushaya lokho, ngeke usabuthola lokho okumnyama, nhlobo. Kwenzekani kukho na? Consilela iconsi lo inki omnyama emgqonyeni wesisusamabala iblishi, ngani, awusenalutho. Ungeke wazithola izintshongo.

110 Uma ngangingusokhemisi, lawa—lawamagama angahle angabi yiqiniso ngempela esayenseni, kodwa ngizothi, kuyini na? “Ngu $H_2O$, amanzi, okwento eyodwa. Khona-ke kunesithako ikhemikhali kuwo, futhi iwenza abe mnyama.” Munye kuphela umbala ongowasekuqaleni, futhi lowo ngomhlophe. Yonke eminye imibala yizimpendukezelo ezisuka kulowo. Futhi manje ngithi . . . Bese kuthi-ke uma uzokuhlakaza kusuka lapho, futhi mhlawumbe ubuzothi, “Awu, kuphendukele ekubeni yi esidi ngenkathi kushaya isisusamabala iblishi. Kuphenduke i esidi.” Kulungile, khona-ke ishonephi i esidi na? “I esidi ibuyele emuva . . . ”

Manje, sikhuluma ngokwenza umbala kulokhu, ukwenza umbala.

111 Uthi, “Ubuyele emuva emsukeni wezinye izinto omncinyana. Awu,” uthi, “umsuka wezinye izinto omncinyana imolekhuli ene uyiphindaphinda nokuyisithupha uyihlanganisa nokuyisishiyagalolunye, kwenza umsuka wezinye izinto omncinyana imolekhuli H.” Uma kuzophuma kokune ukuhlanganisa nokuyisithupha ukuhlanganisa nokuyisishiyagalombili, kuzophumani na? Okuphinki esikhundleni sokumnyama. Khona-ke kubuyele emuva lapho ezithakweni ezincu ama atomu. Khona-ke, kusuka ezithakweni ezincu ama atomu, kuhlanganiswa nokukodwa kuhlanganiswa no B2 kuhlanganiswa nokuthathu, kwenza okune, okukufaka nomsuka wezinye izinto omncinyana imolekhuli H. Kusho ukuthini? Khona-ke ubuyela komnyama futhi. Bese kuthi-ke uma uhamba uya ngale kwalokho, ungahle uye kokuncane okungeke kusacazwa ama elethroni.

112 Uyaphi ukusuka lapho na? Uzodingeka ubuyele emuva. Ngoba ngokudaliweyo, bekufanele kuvele kuMdali. Ufanele ukwenze. Ngakho-ke, kwabuyela emuva le kuMdali wakho. Lokho okwenza umbala owawukulowo inki, awusoze wabuya futhi.

113 Manje, uNkulunkulu ebone ukuthi lelogazi lezinkunzi nezimbuzi lalingeke lisisuse isono. Akazange akhiqize, kodwa Wadala isithako ikhemikhali eGazini likaJesu Kristu. Amen. Leso sono esake savunywa ngendlela ekahle; wena—wena awulenzi ibriji kulelogebe, ususa igebe nya, noNkulunkulu akazi ngisho ukuthi wake wona. Kunjalo. Wathi Wa “zifaka oLwandle lokuKhohlwa,” ukuba zingaphinde nhlobo zikhunjulwe ngawe. Khona-ke abesilisa nabesifazane umile eBukhoneni bukaNkulunkulu, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, yona impela imvelo kaNkulunkulu wabo ezinhliziyweni zabo.

114 Likuphi ibandla namhlanje, mfowethu? Kwenzekeni ebandleni na? Ngenkathi, singabona ukuthi iGazi likaJesu Kristu lathethelela izono, ukuthi uNkulunkulu akakhumbuli

ngisho nokuthi sona. Khona-ke, "Noma yini oyicela eGameni laMi, lokho Ngiyokwenza." Yini indaba na? Kungenxa yokuthi omunye umuntu ubekade efunza ngemfundiso ethize lemiBhalo kubantu. Lena yinto kuphela engingayifanisa eyenziwe, ngoba ikhambi likaNkulunkulu lisalokhu lifana. Manje, kuyingozi ukwala umnokoloto kadokotela, kangakanani uNkulunkulu!

115 Manje umuntu uze awuthole kanjani umuthi, empeleni, ukuba usebenze esidalweni esingumuntu na? Niyazi ukuthi osekhemese wenzani, noma—noma ososayense na? Bathatha isifo, bese bebona ukuthi hlobo luni lwegciwane olukuso, bese bethola uhlobo oluthize lophoyizeni, okulwisana naso, kanjalo kanjalo, uphoyizeni owenele ukukubulala, nokwenele okulwisana nophoyizeni ekuwuvimbeni ukuba ukwenze, futhi bawujovela kuqala esilwaneni okuhlolwa ngaso imithi. Banika isilwane okuhlolwa ngaso imithi isifo onaso. Bese kuthi-ke befake umuthi esilwaneni okuhlolwa ngaso umuthi, futhi uma isilwane okuhlolwa ngaso imithi sisinda kuso, khona-ke bawunika wena. Ngakho lokho kuyinto ngempela, niyazi; bawunika isilwane okuhlolwa ngaso imithi futhi babone ukuthi singawuthatha yini, futhi, uma isilwane okuhlolwa ngaso imithi singafi, khona-ke bawunika wena. Akusibo bonke—akusibo bonke abantu abenziwe njengezilwane zokuhlola imithi, niyazi, ngakho u—ubulala abanye futhi—futhi usize abanye.

116 Kodwa kukhona into eyodwa mayelana nalomnokoloto uJesu Kristu awunikezayo, usiza wonke umuntu. Awusilo ikhambi; uyiselapho.

117 Nibezwile abantu bethi namhlanje, "Umbulali ongowokuqala yisifo senhliziyo." Ngi—ngiyehluka kubo; kungesikho ukwehluka. Ngiyehluka nje ngoba ngiyazi ukuthi kuyiphutha. Umbulali ongowokuqala yisifo sesono. Kunjalo, aku—akusiso sonke isifo senhliziyo, yisifo sesono.

118 Niyazi, abanye abantu bathi, "Awu, manje, Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi welule ublankethe lapho kancanyana. Manje ake nginibuze okuthize. Umuntu uzokona; ngifanele nje ngone kancanyana nsuku zonke." Yingenxa yokuthi awuzange unokolotwe. Yilokho kuphela. Uyabo? Ehhe. Ya. Awuzange uzame ikhambi likaNkulunkulu. Kunjalo. Uma ubungenza lokho, khona-ke ubungeke ukwenze.

119 Uthi, "Ngifanele ngibheme nje. Into ethize ingenza ngibheme nje." Zama umnokoloto kanye, bese uthola ukuthi ngabe—ngabe uyasebenza noma qha. Uthi, "Akuvumi nje ngi—ngiyeke ukwenza *lokhu*. Ngi—ngi . . . " Awu, vele nje u—vele nje uthathe isihlungu sikaNkulunkulu kanye bese ubona ukuthi senzani kuwe.

120 Owesifazane wathi kimi kungekudala. Ngangimsola ngokugqoka lezizingubo ezindala eziyihlazo. Wayesethi, "Manje,

Mfowethu Branham, ake ngikutshele, awunalungelo lokusho lokho. Sinelungelo lokugqoka izikhindi uma sifuna."

121 Ngathi, "Ngiqagele lokho kulungile. Kodwa ukuba ubungumKristu, ubungefune ukuzigqoka." Wathi, wathi . . .

122 Wayesethi, "Awu, manje linda, Mfowethu Branham." Wathi, "Uyazi, abalwenzi olunye uhlobo lwezingubo kodwa nje lezozingubo ezikhanukisayo, nokunye nokunye, kanjalo."

123 Ngathi, "Basenazo izimpahla eziyimishuqulu futhi benza nemishini yokuthunga. Azikho izaba." Kunjalo.

124 Yingenxa yokuthi abathandi ukuthatha umnokoloto wezigcwaliso zikaMoya oNgcwele, obenziwe ifeshini endala, obusindiswe nguNkulunkulu, ubungcwele bomhlangano wasekhempini. Amen. Kunjalo.

125 Kwakuvamise ukuba kube ngokungalungile ukwenza lezozinto. Kusalokhu kungalungile! Kunjalo. Kodwa yini indaba, kukhona okwenzekile. Kwakuvame ukuthi a—abantu babeziphatha kanjalo, babekhishwa ngisho nasemphakathini; manje abakwazi ukulethwa emphakathini baze bakwenze. Futhi ngakho, niyabo, kuya ngokuthi ikuphi inhliziyo yakho, namagugu akho alapho; noma lapho igugu lakho likhona, inhliziyo yakho ikhona, nayo. Ufanele ukukhumbule, lokho, uma uthanda iNkosi ngayo yonke inhliziyo yakho, uyophila ngokuhlanzekile nokumsulwa.

126 Unkosikazi nami sawelela esuphamakethe, lapha ngesinye isikhathi esedlule. Sibone into exakile, owesifazane egqoke ingubo. Kwakuyinto exakile ezweni lakithi. NoMeda wathi kimi, wathi, "Bill, ngiyakwazi lokho, bona, abanye balabo besifazane bacula emakhwayeni ezansi lapha emabandleni." Wayesethi, "Ngiyabazi." Wayesethi, "Manje, ngani, yini ebenzayo na?"

127 Ngathi, "Awu, uyabo, s'thandwa," ngathi, "ngiyisithunywa senkolo, njengami uqobo," ngathi, "si—singabezwe elehlukile."

Wathi, "Ini?"

Ngathi, "Singabezwe elehlukile, isizwe esehlukile."

Wathi, "Asisibo abaseMelika na?"

128 Ngathi, "Sihlala lapha, kodwa leli akusilo ikhaya lethu. Siyizihambi. Sifuna uMuzi, OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Ngaya eFinland; ngibone indlela abenza ngayo eFinland. Ngangena, nasezansi eJalimane; ngibone indlela ababenomoya waseJalimane. Ngehlela eSwitzerland; babenomoya waseSwitzerland. Ngifika eMelika; banomoya waseMelika."

Wathi, "Awu, manje-ke, uthini ngathi na?"

129 Ngathi, "Sizalwa Phezulu, ngokwaseZulwini, lapho ubumsulwa, nobungcwele, nokulunga, nokuba nobuqotho." Yebo. Ngathi, "Ngakho-ke, labo abazisho lokho, ababheki phezu

kwezinto zezwe. Kodwa ngokusobala siyasho, ngezimpilo zethu nendlela esiyiphilayo, ukuthi sinoNkukunkulu, sinoMbuso, sinendawo esiya kuyo. Naleli akusilo ikhaya lami." Amen.

130 He, ngiyakuthanda lokho! Ngiqala ukuzizwa ngithi ukugcwala ukholo khona manje. Yebo, mnumzane. Ngiyakholelwa kulena yakudala, insindiso kaMoya oNgcwele. O, mfowethu, dadewethu, kwenza okuthize kuwe. UNkulunkulu ofanayo, wake waphila, usaphila nanamhlanje. EyaKhe efanayo, imfundiso yaKhe efanayo yobungcwele, iyaphila nje kulobubusuku ngokufanayo njengoba yayilokhu iphila, into efanayo nje. Yebo, mnumzane. Qaphelani, abantu usukile emfundisweni yaWo, yilokho kuphela. Yebo. Manje, yebo, mnumzane.

131 Esethu esingesokuqala, isifo senhliziyo, asikwenzi, into enkulu ebulala abantu namhlanje. Ingeyokuqala, isifo sesono. Nesono ngukungakholwa. Ukungakholwa kukuphi na? IBhayibheli. Kunjalo. Yebo, kungokokuqala, isifo sesono, esibulala abantu namhlanje, ngakho kokubili okomoya no . . . Nalokho kuzobenza bababulale ngokomzimba, kusobala, ngoba sebevele bengakufakaza ukuthi owesilisa obamba amagqubu, nabesifazane abaqophisanayo futhi bakhathazeke, futhi balwe futhi baphikisane, bayafa. Kuyobangela umdlavuza, ukukhunta, yonke enye into iyongena, izilonda.

132 Niyabo, nenzelwa ukuba nijabule futhi nikhululeke. Nenzelwa ukuba niphile njengabantwana phambi kukaYihlo, futhi—futhi nazi ukuthi Wenza nsuku zonke, yonke into inisebenzele kahle usuku nosuku. Yebo, mnumzane.

133 Abantu uyakwesaba nje lokhu kuZalwa okusha. Yilokho kuphela. Bayesaba ukuza kukho, ngoba kuzobaqondisa. Kuzonenza niyeke umdlalo wamakhadi, niyeke ukudlala lemishini yokudlala imali. Kuzonenza niyeke ukuhlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku, emhlanganweni womkhuleko, ukuba nibukele othi *SiyaMthanda USucy* nazozonke lezo ezinye izinto ezinhlanyisayo iHollywood enazo, nalawo mahlaya angcolile okukhulunywa laphaya. Futhi kuzo kwenza—kuzonenza niyeke izinwele zenu zikhule, zibe zinde. Kuzokwenza uziphathise okwenenekazi. Kuzokwenza owesilisa ayeke ukubhema osikilidi, bese-ke ebesebandleni njengabadikoni. Kuzokwenza abantu bayeke ukuqamba amanga, ukweba. Kuzonenzela into ethize. Kuzonihlanza futhi kuninike insindiso ukuthi akukho lutho ezweni okungakuchaza kukususe kini, ngoba niyazi ukuthi nanilapho ngenkathi kwenzeka. Yebo, mnumzane.

134 Manje, njengoba ngishilo esikhashaneni esedlule, ngenkathi uNkulunkulu . . . Uma umuntu ethola umuthi, into abayenzayo, bafunisisa lelikhambi. Bese-ke bethola lesisifo, bese-ke besijovela esilwaneni okuhlolwa ngaso imithi bese bebona ukuthi ngabe isilwane okuhlolwa ngaso imithi siyasinda yini.

135 Manje, ngenkathi uNkulunkulu wayezokwehlisela lomnokoloto engikhuluma ngawo kulobubusuku, lelibalisamu lwakaGiliyadi, Akatholanga isilwane okuhlolwa ngaso imithi. Ufika Yena uqobo. Amen. Indlela kuphela Ayengayenza, ngukuza ngesimo seNdodana yaKhe, futhi wenziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu, ukuze athathe udosi lokufa. Ufikela ukufa. Indlela kuphela Ayengafa ngayo . . . Wayengenakufa njengomoya, njengomuntu. Ngakho Wabunjwa waba ngumzimba othiwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, noNkulunkulu wahlala kulomzimba, ezenza Yena uqobo uEmanuweli emhlabeni, ukususa isono somuntu. Leso kwakuyisithako semvelo esasikuleloGazi.

136 Omunye wathi, "WayeyiJuda." Wayengesilo iJuda. Abanye babo bathi, "WayengoweZizwe." Wayengesuye oweZizwe.

137 Wayengasilele ngalutho kuNkulunkulu. IBhayibheli lasho ukuthi, "Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu." Igazi livela ebulilini bowesilisa. Siyakwazi lokho. Okuveza umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi kuphuma esiliseni; isifazane ngamaqanda kuphela. Kunjalo.

138 Njengoba ngishilo lapho, njengesikhathi sasentwasahlobo. Lezizinyoni ezingomama abadala zakhela izidleke zazo phandle lapha, futhi zizalele amaqanda. Ezinye zazo ziyobeka isidleke esigcwele samaqanda angasoze achanyuselwa, futhi. Ngani? I—ibingazalela isidleke esigcwele amaqanda, futhi ibingahlala phezu kwawo futhi nje yethembeke kakhulu. Ibingawaphendula lawomaqanda usuku nokusuku, futhi ihlale lapho iqhelile ekudleni, ize ibe buthakathaka kakhulu kubel'khuni ukuba indize isuke esidlekeni. Akunandaba ukuthi iwatotosa kangakanani, nokuthi iwawotawota kangakanani, nokuthi ithembeke kangakanani kuwo, awasoze achanyuselwa. Ngani? Kade ingenaye umata, futhi awanakho ukuchamuseleka, ngakho-ke ayovele alale lapho nje futhi abole.

139 Yileyo indaba ngenqwaba yezinkomfa zethu. Yileyo indaba ngomuhlangano wethu wokukhempa, eminingi yayo namhlanje, nezinkomfa zethu. Sitholani na? Isigejane sabawotawoti nabashumayeli abayizitabane abebefanele . . . Ngani, kuyihlazo. Futhi ungena lapho ngoba unesithunzi esincanyana, noma imfundo encane, ibaphushela phezulu phezu kwento ethize. Bengingathi, he, into kuphela esiyidingayo namhlanje yi . . . Sinesidleke esigcwele amaqanda abolile.

140 Esikudingayo yisikhathi esihle esidala sokuhlanza isidleke, yonke indlela kusuka lapho, okusozikhipha, size sithole abesilisa nabesifazane ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele; obekade enoMata, uJesu Kristu, futhi ugcwaliswe ngoMoya Abhaphathizwa ngawo. Kunjalo. Khona-ke sinokuPhila ekhempeni. Yebo, mnumzane. Isihlungu, bayaSesaba.

141 UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi Ezalwa, abanye babo bathi, "Awu, manje, Waye, Wa—Wayeyiqanda likaMariya." Wayengesilo. Uma uMariya wayengathola leloqanda phansi eshubhini ngokuya esizalweni, kwakudingeka kube nomuzwa, ngakho uyabo ukuthi ubeka uNkulunkulu enzani na? Wayengesilo, akukho ngxenye yalo.

142 UNkulunkulu, uMdali, wasibekela intombi uMariya, wayesedala amangqamuzana phakathi kwesizalo sakhe, wayesezala uMuntu owayenguEmanuweli, uNkulunkulu uQobo wenziwa inyama, phakathi kwethu, kungekho sizo oluvela kumuntu. UnguMdali owenza umuntu wokuqala. Amen. O, he! Nango. Nango Ema. Yebo, mnumzane. Futhi-ke Wenza lokho ukuze Akwazi ukuthatha umnokoloto.

143 Noma yimuphi usosayense okahle ngempela, udokotela okahle othola isifo, abanye babo bayowelela ekhempini yasejele bese bethatha omunye umuntu ukuba basizame ngaye, ozoba nodilika-jele ejele. Uma esinda emnokolotweni, ngani, khona-ke uphoyizeni awumbulali, angahamba akhululeke uma esekulungele ukuthatha umnokoloto. Iziboshwa zilindela lokho. O, lowo ngudokotela owesabayo umuthi wakhe.

144 Kodwa, niyazi, uNkulunkulu wayengawesabi umuthi waKhe uQobo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . emkhombeni, indoda imi ezingwini zeJordani. Ngenkathi umnokoloto uwela phansi lapho, iwubone unjengejuba lehla livela eZulwini, futhi Wanokolotwa. NePhimbo lathi, "Lona uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuyo." Amen. UNkulunkulu kumuntu. Lowo ngumnokoloto. UNkulunkulu kumuntu. Izwe laMbhekisisa. Sonke isilingo, Wasimela. Ngenkathi beMphimisela ebusweni, bahlubula intshebe futhi baMphimisela, Kwakumela ukulingwa. Ngamahora okuvivinywa, kwakumela ukulingwa. Kwabambelela! Umnokoloto Awemukela eJordani, wabambelela. Wabambelela ngesikhathi sokuthandwa ngabantu.

145 Okuyindaba ngenqwaba ya—yamabandla namhlanje, uNkulunkulu uyowabusisa, athola ukuqala . . . Futhi yilokho okulimaza abantu bakithi bePentecostal. Bona, bebefanele babuye njengoba omkhulu bethu wayenjalo, nepani lethini noma isigujana ithamborini, ezansi ekhoneni ndawondawo, beshaya isigujana ithamborini; khona-ke bekuzobe kubeka lamakhaza amakhulu ezidumbu esiwakhayo namhlanje, sizama ukulingisa abanye abantu. Esikudingayo ngukuthululwa kukaMoya oNgcwele okuhle okuyifeshini endala, okuzonihlanza, kubandakanya nabelusi benu bebandla lePentecostal. Kunjalo.

146 Manje, into yakho kwakungukuthi, ukuthi ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela kuJesu, ngosuku lombhaphathizo waKhe, Wanokolotwa. SiMbhekisisile ngehora lokuvivinywa. Ngenkathi

udeveli ezama ukuMnika yonke imibuso yezwe, Wenzani na? Wahlala ngqo neZwi. Amen.

147 Okungimangazayo namhlanje, ukuthi abazalwane abaningi phandle ensimini selokhu kube yilemvuselelo yalolusuku logcina . . . Kungani, uma nithola ozuka abambalwa noma ukushintshwa kwezingubo, senibakhulu kakhulu ukuba niye ndawondawo, futhi, o, enye into ethize, futhi nizodingeka nibe nento enkulu kunomunye? Sekuphenduka umjaho wamagundwane wanjalonjalo. Kungamahloni. UNkulunkulu ufuna umuntu ozozithoba, futhi ehlele lapho endaweni, umuntu mumbe Angakhuluma kuye. Kodwa sekuphenduke umjaho wamagundwane ongaka, wonke umuntu uzama ukuthola into enkulu kunomunye umfo. Kuyi . . . Futhi, niyabo, bangekumele lokho kuba nesithunzi kokulinga kukaSathane.

148 Kodwa iNkosi yethu yakumela ukulingwa. Umnokoloto wabambelela. Uma sekufika isikhathi, kwakunempikiswano ngomBhalo, Wahlala neZwi ngqo. USathane wathi "Kulotshiwe."

Wathi, "Kulotshiwe futhi." O, ku . . . Udumo! UNkulunkulu kumuntu, niyabo.

149 Wayenani na? Wayenento ethize enaYe ukweseka lonke izwi Alisho. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma ningenakuNgikholwa, kholwani—kholwani imisebenzi Ayenza ngaMi." O, he! Nakho lapho enikhona.

150 Esikudingayo ngabesilisa nabesifazane abanjalo, namhlanje, abangavala umlomo wezwe, ngezibonakaliso zikaMoya oNgcwele. Sidinga umhlangano wekhempu onjalo. Sidinga ukugumbuqela, ukuzamazamisa kukhishwe, inqwaba yezwe nezinto ziphume ebandleni, okungenile ngalezizinsuku zokugcina. Imali isabalalela ezweni lonke, nezinto ezinkulu, okuthole imiqondo yabantu ezintweni ezinkulu esikhundleni sokuba kuNkulunkulu. Ukuxegisa, ukuxegisa ngomBhalo! Noma yimuphi umfowethu owaqala ukuphuma ngaleyondlela, kodwa bathola ukuthandwa ngabantu kwenye inhlangano, axegise kulokho akukholwa.

151 Lelogazi alihambi kweyangokoqobo, indoda ezelwe ngoMoya oNgcwele. Onke omademoni esihogweni angeketule leloZwi. Iyoma kuLelo kungakhathaleki ukuthi ini. Amen. UPawulu wathi, "Akukho lutho olukhona noma oluzayo, olungeza, kumbe noma yini, olungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu." Lokho kuzala kwangoqobo ngempela kukaMoya oNgcwele kungena endodeni, iyindodana kaNkulunkulu. Akukho gebe phakathi kwayo noNkulunkulu. Iyindodana yaKhe eBukhoneni baKhe. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Ngiyazi lokho kuqinisile. Kulungile.

152 Sithola ukuthi ngehora lokulingwa, ngezinto zezwe, umnokoloto wabambelela. Ngesikhathi sokubizwa ngomgingqiki ongcwele noma—noma kuhlekiswe ngaye, baMboza ngendwangu ebusweni, amehlo aKhe, futhi baMshaya ekhanda bathi, "Manje uma Ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani oKushayile." Lawomasosha amaRoma, aMbonile ehlulela imicabango yabantu. Ukuma qekelele futhi . . .

153 Ukuba Ubemi lapha kulobubusuku, Ubeyoqalaza futhi atshele lowo wesifazane ukuthi yini ebingalungile kuye, nokuthi bekuyini *lokhu* na*lokho*. Yileyondlela Akwenza ngayo. Yileyondlela Asayenza, ngoba Akaguquki. Amen. Anijabuli na? Lowo nguNkulunkulu ophilayo. Ukuthi indoda ibingawa iphume ophahleni, nokuphila kuphume kuyo; nendoda imi lapho nokuNkulunkulu ekuyo, ikwazi ukuzilalisa phezu kwaleyondoda, futhi yabuye yaphila. LowoNkulunkulu ofanayo uyaphila kulobubusuku. Amen. UnguNkulunkulu ongaguqulekileyo. Ibandla lidinga umnokoloto. Kunjalo.

154 NjengoDavid duPlessis wake washo, uNkulunkulu akanabazukulu. Kunjalo. Lapho abazalwane bethu bePentecostal beba ngabafanele, abantwana babo beza esontweni futhi nje bathi, "Awu, siyiPentecostal ngoba ubaba wayeyiyo." Uma ubaba wayeyiPentecostal, futhi wathola umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nawe uzodingeka uWuthole ngendlela efanayo ubaba awuthola ngayo. Akanabazukulu. Unamadodana nje namadodakazi, hhayi abazuluku abangamadodana nabazukulu abangamadodakazi; nje—nje amadodana namadodakazi. Kuqinisile.

155 Ngakho nizofanele nenze into efanayo abayenza ngoSuku lwePhentekoste. Nizofanele nibe nesehlakalo esifanayo. Nizofanele nibe nento efanayo ababenayo. UNkulunkulu akaluguquli neze uhlelo lwaKhe. Akaziguquli neze izindlela zaKhe. Wenza nje into efanayo ngaso sonke isikhathi. Indlela Andlala ngayo uhlelo lwaKhe, ifanele ime ngokulinganisana kulokho isikhathi ngasinye. Kuzofanele kube into efanayo. Futhi uma nizokwenza into efanayo, imiphumela efanayo izofika. Amen. Kunjalo.

156 Manje siyathola, kwabambelela ngesikhathi sokulingwa. Kwabambelela ngenkathi yonke into yayingalungile. Yabambelela ngenkathi bonke abangani baKhe beMshiya. Wayelokhu ebambelele, umnokoloto wabambelela. Khona-ke udeveli wacabanga, "SengiMtholile manje." Waqala ukwenyuka iKalvari, iGazi ligobhoza liphuma emzimbeni waKhe. Ingubo yaKhe isongwe kuYe, okukodwa okukhulu ukusaphazeka kweGazi. Udeveli fanele ngabe wathi, "SengiMtholile manje. Lowo ngeke kwaba nguNkulunkulu. Qhabo, qhabo. Lowo kungebe nguYe, uma Engadedela lawomasosha aMphimisele ebusweni, uma Ubengawadedela adluthule leyontshebe engagcwala izandla ebusweni baKhe, uma Ubengawadedela

aMphosele inselelo ukuba abone umbono futhi Akangakwenza. Futhi manje nangu Wenyuka igquma, ethwele lesosiphambano, ngizoba naYe emizuzwini embalwa."

157 Leyonyosi yokufa iyehla, ihamba izungeza, ukuba iMtinyele. Niyazi, njenganoma iyiphi inyosi, inesitinyeli kuyo. Kodwa, niyazi, uNkulunkulu wayelungisele inyama ngalesosikhathi, kwakuyinyama kaNkulunkulu. Ngenkathi lesositinyeli sigxila kanye okwehange kuleyoNdodana kaNkulunkulu, kuEmanuweli; ngenkathi izidoncula yona, yayingasenasitinyeli esisele. Yalukhipha ngqo udosi lokufa. Akumangalisi uPawulu wakwazi ukuba athi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

158 Yayingatinyela uElija, futhi afe, yayingatinyela uElija futhi isale nesitinyeli sayo. Kodwa, uyazi, uma inyosi—uma inyosi ike yaze yatinyela kujule ngokwenele, ayibe isakwazi ukutinyela futhi, ikhipha isitinyeli sayo. Ngakho kwakungekho nyama yomuntu eyayingagxilisa okwehange kuyo. O, he! Akukho muntu eyayingaxilisa okwehange kuye. Kodwa ngenkathi ilufaka kuEmanuweli ngalesosikhathi, yalahlekelwa yisitinyeli sayo. Akabongwe uNkulunkulu! Yebo, mnumzane, yehluleka kulowo. Yebo, mnumzane.

159 Bathola ukuthi isihlungu sabambelela. Bathi, "Uma Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni." Umpristi omkhulu, isicukuthwane esikhulu sebandla, sathi, "Sitshele ngokusobala manje. Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni futhi Uzisindise," kanjalonjalo. "Asibone uma UyiNdodana kaNkulunkulu." Akazange awuvule umlomo waKhe futhi asho izwi.

160 Manje sithola ukuthi Wafa. Wafa ngempela. Wafa kwaze kwathi ilanga nenyanga kwathi Ufile. Konke okwemvelo kwathi Ufile. Umhlaba wazamazama, waba nokugodola kwemizwa okugijima yonke indawo kuwo. Futhi ngenkathi sebebone yena impela uNkulunkulu owadala umhlaba, wayelenga esiqongweni somhlaba, neGazi likaEmanuweli liconsela emhlabathini. Akumangalisi Afa. Wafa yaze yathi yonke into yathi Wayefile.

161 Futhi manje-ke sizothola, Engakafi, Wathi, "Dilizani lelithempeli, futhi ngiyoLivusa ngosuku lwesithathu. Anisoze nakwazi ukuligcina liphansi. Lidilizeni, futhi Ngizobuye ngilivuse ngosuku lwesithathu."

162 Babeka umlindi ngakhona, ukuthola ukuthi umnokoloto wawuzobambelela. Babonile ukuthi wabambelela wedlula ekulingeni kwesono. Wabambelela wedlula ebuphofini. Wabambelela wedlula egcebweni. Wabambelela wedlula zonke izinhlobo zokulingwa. Usalokhu ubambelela. Kodwa manje usekufeni, uzokwenzani manje na?

163 Kodwa ngePhasika ekuseni, o, he, ngaphambi kokuba nje lelolanga liphume, lowo mnokoloto wabambelela. Futhi, ngenkathi wenza, ukufa kwephula izithiyo zakho, ithuna lavuleka nge, futhi Wavuka futhi ngosuku lwesithathu wayesenyukela Phezulu. Kukhombisa nje ukuthi lowomnokoloto ungumnokoloto wokuPhila okuPhakade. Ungeke wawubhubhisa. Ngisho nobuthumbu besihogo bungewubambe. Ithuna lingewubambe. Ukufa kungewubambe. Akukho okungawubamba. Uyovuka futhi.

164 UJesu Kristu wathi, "Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi, futhi Ngiyakukuvusa futhi ngosuku lokugcina." Haleluya! Owesilisa noma owesifazane onokolotwe ngaLokhu, angehlale ethuneni. Akukho thuna elingabamba olungileyo. Akukho sihogo esingawugcina; akukho thuna, akukho lutho olunye. UJesu Kristu wathembisa ukuwuvusa ngaloloSuku. Amen. O, ngijabula kakhulu ngalokho, lowomnokoloto. Niyazi, ngePhasika ekuseni wafakazisa.

165 Niyazi ukuthi kwakuyini na? Kwakuyinto enkulu ngempela, kwaze kwathi abantu abayikhulu namashumi amabili babefuna ukunokolotwa. Manje, uma Engagcineka kwedlule ukulingwa, kwakukhona abantu abayikhulu namashumi amabili ababeMazi kahle kakhulu, babefuna lowomnokoloto. Ngakho ngayo leyonkathi Wadingeka enyukele egumbini lokucwaningela futhi alungise umjovo othakwa nohluzi wezilwane ezithize, ngakho Wathi, "Yenyukelani lapho emzini waseJerusalema ngize Ngiwuthole, yonke indlela yokuwenza ilungisiwe. NgizoWehlisela kini." Ngakho benyukela ukuyolinda.

166 Belifanele liphathwe kanjani ibandla lamaKristu, hlobo luni lomnokoloto ebelingaluthatha na? Ini, kungaba yini umnokoloto na? Bangenza kanjani na? Bekungenzekani na? Ngabe bonke bebengasuka baye ekholiji futhi bafunde ukuba nePh.D. neLL.D. na? Ngabe omunye umpristi ufanele akhuphukele emgwaqeni nocwecwana lwesinkwa ikosha ezandleni zakhe, bese ekhipha ulimi bese ethatha isidlo, futhi yilokho-ke na?

167 "Kodwa kwavela inhlokomo eZulwini," umnokoloto wawusemgwaqeni wawo, "kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, futhi Yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Izilimi ezehlukeneyo zahlala phezu kwabo, kungathi uMlilo. Futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengoba uMoya uba phumisela."

168 Senake nalibona ithempeli elidala, isithombe salo na? Kwakhona umnyango omncane eceleni owawuphumela ngaphandle, wawenyukela ezitebhisini zesitezi, wenyukela ekamelweni eliphezulu. Bavala iminyango futhi bangena, ngoba babesaba.

169 Kodwa ngiyanitshela, ngenkathi bethola ukunokolotwa njengenkonyane eshaywe uphawu, abakwazanga ukumbamba.

Qhabo, mnumzane. Washo waphuma kulelokamelo, waphumela emigwaqeni. Wanokolotwa. Ukufa, isihogo, ukuhlushwa, ukuhlekwa, ukuhlekiswa ngaye, akwenzanga mehluko kuye, wanokolotwa. Amen. O, he!

170 Lalelani uPetru esukuma lapho. Baqala ukubuza, "Ngabe lisekhona yini ibalisamu kwaGiliyadi na? Ngabe lisekhona ibalisamu yini kwaGiliyadi na? Ayikho yini inyanga lapho na?" O, ya, sinenqwaba yebalisamu kwaGiliyadi. Sinenqwaba yezinyanga.

171 Ngalolosuku, uDokotela uSimoni Petru, wayeyinyanga. Wathi, "Ngizonibhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Ngizonitshela. Nalesi yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo saPhakade, ngoba sizoba ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude. Ngokukhuluma ngokusobala, singesawo wonke umuntu oyobiza, iNkosi uNkulunkulu wenu eyakubabiza, 'Ngizomnika sona.'"

172 Bathi, "Singenzenjani ukuba sithole ukunokolotwa na?" Yilapho elilele khona. "Singenzenjani ukuze sinokolotwe na?"

173 Wathi, "Ngizosibhala isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo." Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba lesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo singesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." O, he!

174 Niyazi ukuthini? Uma udokotela ethola ikhambi lesifo; bese ebhala isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, bese kuthi omunye usokhemesi onguwaka asithathe bese eyonenezela okuncane kwa*lokhu* bese ekhipha okuncane kwa*lokhu* kuso, kuphakathi kokuthi uzosibulala isiguli noma—noma enze okuthize kuso. Isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo asinawo ngisho nomuthi owenele kuso ukuba sisize. Uma singakwenzi, silula kakhulu ungeke usisize isiguli.

175 Futhi yileyo indaba ngalenqwaba yalabo sokhemese basekholiji namhlanje. Bakhipha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, bese benezela enye into esikhundleni saSo, futhi unesigejane samakhaza ezidumbu ezifayo.

176 Lesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sisalokhu sihlezi sifana. Ngenkathi amaSamariya eSemukela, athola ukunokolotwa, ayenento efanayo. Ngenkathi abeZizwe beSemukela, bathola isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo. UPawulu wahlangana nesigejane eZenzweni 19, esasinengxenye yesithako somuthi nokusetshenziswa kwayo, kungesikho konke okwaSo, wathi, "Lokho ngeke kusebenze. Nizoyibulalala yonke into." Ngakho wasibhala ngaphezulu, enzela bona, wabatshela ukuthi sitholwa kanjani. Basithola ngendlela efanayo.

177 Futhi yileyo indaba namhlanje. Kunenqwaba yebalisami kwaGiliyadi, futhi sinenqwaba yezinyanga, kodwa abantu bayasesaba isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Udumo! Akadunyiswe uNkulunkulu. Alikho yini ibalisamu kwaGiliyadi na? Awekho yini amandla kaMoya oNgcwele na? Manje akhona na?

178 *Lo*mnokoloto usebenza kubo bonke, niyabo. Wasebenza kumaJuda. Wasebenza kumaSamariya. Wasebenza kwabeZizwe. Uyasebenza kuwo wonke umuntu ngendlela efanayo.

179 Ngiyisithunywa senkolo. Ngiwelela ezweni lapho abantu lapho abangazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, futhi bama lapho. Niyazi ukuthi benzani uma bemukela uMoya oNgcwele na? Into efanayo eniyenzayo, into efanayo.

180 O, kuyini na? "Ngesenu, nesabantwana benu, nesabo abakude, esabobonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Lesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo sisebenza into efanayo.

181 Nebandla liyokwenza into efanayo nelayenza ekuqaleni. Kunjalo impela. UJesu ungumvini. Thina singamagatsha, futhi ngokunokolotwa ngalokho kuPhila okwakusemvinini. Ibandla elaphumayo, lanokolotwa, babhala iNcwadi yeZenzo emva kwaso.

182 Futhi manje sinezibambiso. Sinezithelo ezifakelwe. Si—siphila ngokuphila kwesihlahla, kodwa singeke sithele izithelo. Kunjalo.

183 Ngangimi nomngani wami, uJohn Sharrit, ngale ePhoenix, lapha kungekudala. Wayenesihlahla lapho, isihlahla sama orintshi, esasithi asibe nezinhlobo ezinhlanu noma esiyisithupha ezehlukene zesithelo kuso.

Ngathi, "Angikaze ngiyibone into enjalo."

Wathi, "Zifakelwe."

Ngathi, "Hlobo luni lwesihlahla na?"

Wathi, "I orintshi."

184 Ngathi, "Awu, kunolamula, futhi kunelayimu, futhi kunamathanjarini, namathanjelo, no—nophaphamuzi, eziningi izinhlobo ezehlukene." Ngathi, "Futhi zonke sikhula ngalesosihlahla esifanayo na?"

Wathi, "Ya, konke kuyisithelo esisama orintshi."

185 Ngathi, "Awu, manje, leyo yinto exakile." Ngathi, "Manje, ngalonyaka, emva kokusuka kwaso sonke lesosithelo, ngonyaka ozayo sizothela amaorintshi na?"

186 Wathi, "O, qhabo. Hhe-e. Qhabo." Wathi, "Sizothela uhlobo ingatsha eyilo."

187 Ngase ngithi, "Bese kuthi-ke isihlahla sishintshwe, uqonde ukuthi, ekubeni yi—yisihlahla sama orintshi kube yini . . . "

188 Wathi, "Qhabo, qhabo, qhabo. Uma sike saveza enye ingatsha, sithela iorintshi."

Ngathi, "Ngiyabona." Amen.

189 Mfowethu, sinezinto ezinjalo njengoba amahlelo amabandla ejovelwe kuLokhu, futhi ephila ngaKho, ezibiza ngamaKristu. Kodwa uma ukuPhila kwangempela kwalesosihlahla kuke kwaveza elinye igatsha laso uqobo, kuyoba ngenye iNcwadi yeZenzo emva kwaso, ngokuba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Lokho izwe namagugu abo, futhi abazi lutho ngakho. Abantu befunda leliBhayibheli, uma nizoLifunda ngeso lokubuka ngokwehlelo, anizukuthola okungako kuLo. Kodwa uma nje nizobuka kulokho eLikushoyo, bese-ke nilalela okushiwo yisithako somuthi nokusentshiziswa kwawo. Lifundeni, Linakeni, lizokwenza umuntu ohlukile.

190 Ngisanda kuvela eNdiya nje, lapha kungekudala. Ngezwa ngowesifazane ngapha, wayeshaywe ngububuphofu, indodana yakhe yayiye eNdiya ukuba ibe ngudokotela. Futhi yafika laphaya yase isuka emsebenzini wayo wezokwelapha ngemithi, yase ingena komunye, ngikholwa ukuthi yayingujiniyela kagesi, noma okuthize. Nalona wesifazane washaywa ngububuphofu. Wayengena lutho nje, futhi ngakho abomnikela wezokuphana babezama ukufika futhi bamnakekele. Ngakho balufakela izimali udaba, futhi ngenkathi behlola, bathola ukuthi owesifazane wayenesondlo esisodwa, nalowo kwakuyindodana eyayiyindoda ecebe kakhulu eNdiya. Futhi bathi, "Awu, indodana yakho ayikondli ngani na?"

191 Wathi, "O, angikwazanga nje ukuyibuza." Wathi, "Ngingunina," wathi, "Ngingaqoka nje ukuthatha umnikelo wokuphana kunokucela indodana yami."

Wathi, "Awuzwa neze nje oluvela kuye na?"

192 Wathi, "O, ngiyezwa oluvela kuye okungenani kanye noma kabili ngenyanga." Wathi, "Ubhala ezinye zezincwadi ezimnandi kakhulu impela owake wazifunda."

193 Wathi, "Awu, kubukeka sengathi uma ubemthanda unina ngokwenele, futhi wayenenqwaba yemali, ubeyozama ukumnakekela, esikhundleni sokuba aze aye kwabomnikelo wokuphana."

194 Wathi, "Awu, mhlampe ukuba ubazi ukuthi benginje," wathi, "ubeyothi, ubeyonginakekela. Kodwa," wathi, "uyazi, akazi, futhi ngi—ngizizwa nje ngiphoxeka ukutshela indodana yami, kanjalo."

Wayesethi, "Futhi isalokhu ikubhalela izincwadi ezimnandi na?"

195 Wathi, "O, ezinye zezincwadi ezimnandi kunazo zonke!" Wayesethi, "Ungithumela izithombe ezinhle kunazozonke osewake wazibona."

Wathi, "Izithombe ezihle kunazo zonke? Ngakho ake sibone ezinye zazo."

196 Wacinga eBhayibhelini lakhe, wayesezihosha. Niyazi ukuthi zaziyini na? Amaphepha okuthumela imali asebhenke. INdiya lifaka izithombe zabo emaphepheni awo ezimali zasebhenke, niyabo, izithombe ezinhle. Wayenezinkulungwane zamadola, eshintshwe esuka emalini yaseNdiya eya emalini yaseMelika. Kwakuyini na? Onqenqemeni lweBhayibheli lakhe, wayenamagugu ayecabanga ukuthi kwaku "yizithombe nje," kodwa, uthola ukuthi, kwakuyinani langempela kuye.

197 Futhi, mfowethu, uma uzama ukufunda ngomlilo opendiwe wePhentekoste, nomunye umuntu azame ukukutshela ukuthi uMoya oNgcwele awufani namhlanje njengoba wawunjalo ngaleyonkathi, omunye umuntu azame ukukutshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, ukuthi uJesu Kristu akasuyena izolo, namuhla, naphakade, ukuthi bazama ukukutshela, ungakukholwa. Lezo akusizo izithombe. UNkulunkulu uSomandla wathumela lowomlayezo kuwe, kunjalo, "Ungowenu, nowabantwana benu, kubo okude, abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." UNkulunkulu usenguNkulunkulu. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

198 Ukhona lapha, kulobubusuku, ukusindisa abalahlekile, ukuphilisa abagulayo, ukugcwalisa ngoMoya oNgcwele, labo abafisa ukugcwaliswa. Niyakukholwa lokho, anikukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Uma nikukholwa, khona-ke, niyabo, lokho yizithembiso zikaNkulunkulu kuleliZwi lapha, ningangena ngqo lapho futhi nithole zonke izithembiso. Isithembiso singesenu. UPetru wathi, "Isithembiso singesenu, nesabantwana benu, nesabo okude." Ningesabi ukukhesha lokho. Lelo yiphepha lemali lasebhenke eZulwini. Kunjalo. UJesu Kristu nguyena izolo naphakade!

199 Ukuba-ke Ubemi lapha kulobubusuku futhi wambona lowo wesifazane elele lapho egula na? Ubukeka sengathi ugula kakhulu, ukhubazekile, mhlawumpe ungofe uhlangothi noma okuthize. Abesifazane ababili. . . Owesifazane, nendoda eyikhaladi nowesifazane oyikhaladi, ezama ukusebenza nengane encane, nicabanga ukuthi Ubezokwenzani ukuba Ubemi ebuka lezoziguli zombili lapho, njengomphilisi na? Nicabanga ukuthi Angaphilisa na? Usevele Ukwenzile, niyabo. Ngenkathi Efa eKalvari, Ukwenzile. Niyakukholwa lokho, ziguli na? Niyakholwa ukuthi lokho kuqinisile na? Wena lapho nengane eyikhaladi encane, lapho nengane, uyamkholwa uJesu Kristu,

ngenkathi Efa eKalvari, Wathenga ukuphiliswa komntanakho na?

200 Wena osohlakeni lombhede lapho, uma u . . . Ubukeka ugula kakhulu. Ufe uhlangothi, noma ngabe kuyini, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu wafa eKalvari, ukukusindisa ekuguleni kwakho na? Uyakukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi engikushilo kulobubusuku, ukuthi kuyiqiniso na? Uyakholwa ukuthi lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo siyiqiniso na? Uyakholwa?

201 Uma Ubemi lapha kulobubusuku, futhi waMbuza, "Ungamphilisa umntanami na?" Uyazi ukuthi Ubezothini na? "Sengivele ngikwenzile lokho." Niyabo, kukholwe nje. Uyabo? Uma ubuzothi, "Mnumzane, ngikhubazekile, angikwazi ukuhamba," kumbe noma ngabe kuyini. "A—angikwazi ukuhamba. Ngi—ngiyafa," noma into ethize, "Ungangisindisa na?" Ubezothi, "Sengivele ngikwenzile." Niyabo?

202 Manje ubungazi kanjani ukuthi bekuyiphimbo laKhe na? Ngoba Ubezokwenza into ethize njengoba Enza ngaleyonkathi. Ubengahle akwazi ukukutshela into ethize ngawe uqobo, akutshele ukuthi wawuyini, nokuthi yini eyayingalungile kuwe, noma into efana naleyo, njengoba Enza ngesikhathi seBhayibheli. Lokho bekungakhombisa ukuthi Wayefana. Kodwa okokuphiliswa, ubuzofanele uzemukelele khona. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Niyakukholwa lokho na?

203 Niyakholwa ukuthi Ubengangitshela kulobubusuku ukuthi iyini inkathazo yenu, noma into ethize ngani nilele lapho na? Beningakwemukela futhi ningikholwe ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Nizokwenza?

204 Uthini ngawe, inenekazi eliseceleni kwakhe, ubeke isandla sakho phezu kwengane yakho, uyakukholwa lokho na? . . . ? . . .

205 Bangaki abazokukholwa na? [Ibandla liyathokoza futhi lithi, "Amen."—Umhl.]

206 Manje, Baba waseZulwini, lena yinceku yaKho. Nje ngi . . . Nginomthwalo nje wokushumayela iZwi laKho. Manje, ngiyazi lokhu akujwayelekile, kodwa ngikhulekela ukuthi Uzokupha kulobubusuku, ukuze abantu bazi ukuthi—ukuthi leli yiQiniso.

207 Kulungile, bheka ngapha. Ingane yakho inohlobo oluthize lwesifo samathambo. Kunjalo. Inokuvuvukala okukhulu emlenzeni. Kunjalo na? Yiba ulokhu ubeke isandla sakho phezu kwayo, phinda futhi uthi, "Nkosi Jesu, philisa ingane yami, ngizoKukhonza yonke impilo yami." Uma ungakaze uwuthathe lomnokoloto, Ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Bese ubeka intambo ithandele lowomlenze wengane, kulobubusuku, bese uwukala. Bese-ke ubuyisa intambo kusasa, lapho oyinqume khona, ukuthi ushwabene kangakanani manje nakusasa ebusuku. Uzokwenza lokho na?

208 Wena olele lapho, eceleni, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Angikaze ngikubone, empilweni yami. Kodwa ulele lapho, usibekelwe yithunzi lokufa. Kunethunzi elimnyama phezu kowesifazane. Uyagula, ebulawa wumdlavuza. Kunjalo impela. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Ungakukholwa na? Pho ulalelani lapho uze ufe na? Udokotela angeke akuphilise lokho. Sukuma, eGameni likaJesu Kristu, futhi uthathe umbhede wakho futhi uye ekhaya.

209 [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Niyakholwa na? Wonke ofuna ukukholwa futhi nemukele ukuphiliswa kwenu, sukumani ngezinyawo zenu futhi nibonge uNkulunkulu.

Mbambe ngengalo, mfowethu.

210 Asithi, "Ayidunyiswe iNkosi," wonke umuntu. NiyaMkholwa na? [Ibandla liyathokoza.] Phakamisani izandla zenu manje kuNkulunkulu, futhi niMdumise. [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Niyakholwa na? [Ibandla liyathokoza.] Alikho ibalisamu kwaGiliyadi na? Amandla kaNkulunkulu angakwenza lokho!

211 Asiphakame ngezinyawo zethu, wonke umuntu manje, nokukholwa ukuba sikukholwe. Sukumani ngezinyawo zenu, wonke umuntu, futhi nemukele ukukhululwa, eGameni leNkosi. Amen. [Ibandla liyaqhubeka lithokoza—Umhl.]

